


# UMHLENGI

## OYISIHLOBO SOMNDENI

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Kuhle kakhulu ukubua futhi, kulokhu ukusa, ukubuye singene endlini yeNkosi. Ngikholwa ukuthi kwashiwo, ngesinye isikhathi, “Ngajabula lapho bethi kimi, ‘Masiye endlini yeNkosi.’”

Charlie, phuma emva kwalesosigxobo, futhi wenyukele lapha futhi uthathe isihlalo sakho. Yenyukela lapha. Dadewethu, ngabe sikhona isihlalo ngemuva phakathi lapho, ndawo ndawo, esingampintsha kuso na? Nansi indawo khona phezulu *lapha*, nenekazi. Yenyukela khona lapha. Lapha, Charlie, woza lapha uhlale ngakuBanks phezulu lapha, ukuze ungami. Njalo lowomfana ufika evela ezansi le eKentucky, enyukele lapha, uyama, njalo ekuseni. Futhi ngakho menyuseleni khona lapha.

<sup>2</sup> Nansi indawo lapha, ekugcineni kwesihlalo lapha, somunye. [UMfowethu Neville uthi, “Kukhona inenekazi ngemuva lapha, futhi.”—Umhl.] Kukhona inenekazi elimile ngemuva, emuva lapho. Yenyukela khona lapha. Nasi isihlalo khona lapha, dade, khona phezulu eduzane. Qhubeka nje uze. Futhi ngicabanga ukuthi ukhona osesihlalweni esinamasondo lapho. Ngabe banjalo na? [Udade uthi, “Mfowethu Branham?”] Yebo. [“Kukhona isihlalo khona lapha.”] Kukhona esinye isihlalo khona *ngapha*. Uma ekhona osifunayo esisodwa, emuva lapho ngemuva, khona *lapha* yisihlalo khona lapha. [Umfowethu uthi, “Futhi nasi esisodwa, Mfowethu Branham.”] Nasi esisodwa khona lapha phezulu, futhi zibonele esikufanele. [“Omunye, ngapha.”] Yebo. Ungaba naso esisodwa khona lapha. Manje, wozani impela nje, nithathe izihlalo zenu. Futhi nje nizizwe ngempela . . .

<sup>3</sup> Sifuna nithokomale ngenkathi sisazama ukuletha iZwi leNkosi. O, kumnandi ngempela ukuba lapha.

<sup>4</sup> Angikamboni uCharlie emsamo. Ngabe ngemuva lapho na? Awu, mkhipheleni lapha. Wo! Ngike ngaba noCharlie, ezansi lapho, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, futhi angikwazi ukwedlula ngingayanga endlini yakhe nokudla, ngakho ngizomkhiphela emsamo, kulokhu ukusa. Nsuku zonke wenyukela lapha, uma ngasobondeni lapho, ukuba anikeze omunye isihlalo. Ngakho ngiqalaze phandle kulokhu ukusa futhi ngambona emi lapho, ngacabanga, “Ngi—ngizomngenisa lapha manje.” Awu, ku—kuhle. Manje sizoba nomlayezo kulokhu ukusa ngoMfowethu Russell Cox. [UMfowethu Branham

nebandla bayahleka—Umhl.] Uphi uNellie? Ngi...Lokho kuzoba ukugibela okuhle kuye. Kuphi? Yebo. Nakho-ke.

<sup>5</sup> Awu, ngijabula ngempela ukubona abaningi kangaka babangane phandle. NgeSonto eledlule ngenkathi ngisuka, ngiphatheke kabi iviki lonke. Nganginomngane olungileyo ehlezi lapha, ovela le ezansi eNingizimu, uMfowethu West. Futhi ngahamba ngijikeleza, ngidabula ezethamelini, isikhathi sesihambile. Ngathi, “Ngiyajabula ukubona uS’*bani-bani* noS’*bani-bani*,” futhi ngabheka ngale ngqo phezu kukaMfowethu West, futhi angaze—angaze ngambona nhlobo waze waqala ukuphuma. Ngase ngicabanga, iviki lonke, “UMfowethu West uzocabanga ukuthi ngi—ngivele nje ngameqa ngamabomu.” Kodwa u—ungumKristu, ngakho wazi kangcono kunalokho. Uyazi ukuthi ngi...umngane ngempela. Futhi ngiyazi uyazi, bengingeke ngakwenza lokho.

<sup>6</sup> Bengicabanga kulokhu ukusa, ngiza ngehla, ukubona abantu abavela ezindaweni ezehlukene. Manje, nangu uMfowethu West usebuyele lapha futhi, kulokhu ukusa. NoMfowethu noDadewethu Kidd lapha, abaseOhio. Nabanye babami...

Ngiyazi uMfowethu Evans ulapha. Ngihambe ngayombona izolo ntambama, emotela edlela abahamba ngezimoto, kodwa ngiqagele ubengekho ehambe noMfowethu Fred nabo. Futhi bavela le eMacon, eGeorgia, lapha, njalo ngeSonto uma ngikhuluma. Bavela eMacon, eGeorgia, lapho kukude le ezansi. Kungamamayela acishe abe ngamakhulu ayisishiyagalombili, noma ngaphezulu, ngiyethemba, ezansi lapho. Uyishayela enomndeni wakhe, nsuku zonke uma ngikhuluma. Futhi lokho ngukwethembeka.

<sup>7</sup> Futhi bengi—ngicabanga, o, manje-ke, uma unabangane abanjalo, ofuna ukuma ngakuwe! Manje, labobantu akezi esuka eGeorgia, naseOhio, nasezingxenyeni ezehlukene zesizwe, beze kulelitabernakele elincane lapha, ukuzozwa mina. Beza lapha ngoba bayawukholwa lowoMlayezo. Yilokho abakukholwayo. Bakholwa yilowoMlayezo. Futhi manje-ke kufanele ngethembeke ngibe qotho kakhulu kanjani ngalowoMlayezo! Ngoba aku—kusimina ngedwa, engisephutheni, kodwa ngiholela omunye ephutheni. Niyabo? NoNkulunkulu uzongethwesa icala ngokweduka kwabo, ngoba yimi engakufundisayo. Niyabo?

<sup>8</sup> Futhi ngiyanitshela, kukwenza ucabange ujule ngempela uma uzocabanga ngamazwi anjalo. Ngakho ngi—nginibonga nonke, kuhle kakhulu ukwazi ukuthi nishayela lawomakhulu amamayela, nidabula emigwaqeni ezezangozi naphezu kwalemigwaqo emikhulu ephakeme, lapho okukhona khona izingozi nezinto. Ukukholwa kwenu kuNkulunkulu kuyanikhapha nedlule, ngandlela thize, kunilethe lapha kubuye

kunibuyisele emuva. Sijabula kakhulu ukuba nabangane balolohlobo. Ngikhulekela izibusiso ezicebile zikaNkulunkulu phezu kwenu.

<sup>9</sup> Manje, ngeSonto eledlule, ngi—ngithe, “Awu, sizokhuluma, ngizobe-ke sengibiza umugqa womkhuleko.” Bengizama ukusebenza ngeny’indlela, ukuzama ukuthola indlela yokhulekela abantu abaningi. Futhi uma ngisebenza abanye abaningi njengeSonto eledlule, ukhona ozobe engikhulekela. Ngisuke lapha, sekusondele kwelesibili nqo. Futhi a—anginikezelanga ngamakhadi omkhuleko.

<sup>10</sup> Ukunikezela amakhadi omkhuleko kungumsebenzi orafu. Angazi noma niyakwazi, noma qha, abantu bayakuzonda. NoMfowethu Banks Woods, wathi, ngeliny’ilanga, ngenkathi sisezansi eKentucky, ukuthi wayezovolontiya futhi anikezele amakhadi omkhuleko uma uBilly engangenanga. Ngakho uBilly, eyindodana yami uqobo, niyazi, ngani, ba...ngithola izincwadi ezimbalwa, “Wangethembisa ikhadi lomkhuleko. Akanginikanga lona. Ukuhleba okuncane!” Ngakho ba... Akakwazi ukubanika wona bonke. Futhi asikwazi ukufaka abaningi kakhulu emgqeni! Niyabo? Uzofanele angivikele.

<sup>11</sup> Futhi—futhi ngenkathi sisuka, umalokazana wakwami wathi, “Bill, uzofanele ubuyisele uBilly phakathi lapho namakhadi omkhuleko, kungenjalo,” wathi, “ungeke uhlale isikhathi eside kakhulu.”

<sup>12</sup> Futhi, ngakho, kodwa lapho engenza khona iphutha, kwakunguqala kokwahlukanisa ngokubona okufihlakele, bese kubuya omunye, athi, “Ngikhohliwe, umama ubefuna ukukhulekelwa.” Uyazi ukuthi yini abayibuyelayo, okwalokho kwahlukanisa ngokubona okufihlakeleyo, niyabo. Ngakho, kodwa, angibasoli. Nami bengingenza into efanayo. Niyabo? Bengingenza o...Singabantu, futhi sonke sifuna ukuphila, futhi sifuna ukwazi ukuthi asenzi. Yilokho esi...Kodwa ungafinyelela kucine lapho kuphela kulezozinto, wena, ngesiphiwo, bese-ke nje usucishe ukhandleke, uma lokho kwenzeka izikhathi ezithi azibe mbili.

<sup>13</sup> Futhi ngakho uMfowethu Banks ubezonikezela amakhadi omkhuleko kulokhu ukusa, noBilly kwenzekile ukuba angene izolo ebusuku. Ngakho ngicabange ukuthi lokho bekuzoba kubi kabi, ukuba nendoda enodumo oluhle, izinto njengoMfowethu Woods, ukuba anikezele amakhadi omkhuleko, abantu ngibehlisele kuye. Ngiqagele uBilly akaphatheki kabi. Sekuyisikhathi eside nje aba phansi kuye, ngakho uvele nje alidedele kanjalo. Kulungile.

<sup>14</sup> Manje—manje ngaleliviki elizayo ngizoba seDallas, ngalolu uLwesihlanu oluzayo ebusuku, engqungqutheleni yeVoice of Healing. Uma bekhona abantu abangapho, ngizoba lapho okwalobobusuku obubodwa, ukukhuluma engqungqutheleni

yabo. Futhi ngifuna ukukhuluma ngendaba yokuthi *UkuSondela eNhlanganyelweni*, iNkosi ithanda.

<sup>15</sup> Bese kuthi-ke, mhlawumbe, mhlampe ngeSonto elilandelayo, lokho kuzoba ngaleliSonto elizayo elilandelayo, uma iNkosi ithanda. Anginasiqiniseko kakhulu kangako. Uma iNkosi ithanda, ngifuna ukubuya futhi ngikhulume ngendaba ebengizofanele ngikhulume ngayo namhlanje, *UMoya ovunguzayo EsiVunguvungwini*. Futhi bengizokhulekela abagulayo, namhlanje. Nalokho kuthi ukuba wuhlobo lwensole ehlabayo e—ebandleni ngezono zalo. Na—naley o akusiyo indaba emnandi kakhulu ukukhuluma ngayo uma uzobiza umugqa wabakhulekelwayo. Ufanele wakhe ukukholwa kwabantu kuye e...emkhulekweni, nakuNkulunkulu, nokuba nokukholwa. Ngakho ngitshele uMfowethu Neville ukuba amemezele ukuthi ngizobe ngikhuluma kulokhu ukusa ngenye indaba, ukwakha ukukholwa kubantu, baye kuNkulunkulu. Amany'amazwi, ukusola abantu ngo—ngokungayigcini imiyalo kaNkulunkulu. Lendlela, yakha abantu macala onke, ukuba babe nokukholwa kuNkulunkulu. Niyabo?

<sup>16</sup> Nangemuva ekamelweni lomkhuleko kulokhu ukusa, noma ikamelo lokurekhodela emuva lapho, umngane wami omdadlana, uMfowethu Kidd, amashumi ayisishiyagalombilinento, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, ehlezi lapha. Abaningi benu bayakhumbula ngenkathi ngiphuthuma kuye ngokunye ukusa, waye—wayesethi aka... sekucishe kuphele unyaka, kusondele kuwo manje. Efa, egula kabi kakhulu, nodokotela bamnika ukuthi uzophila iviki. Noma, hhayi iviki, ba...Wayengakwazi ukuphila kwaze kwaba sekuseni ukuba ehlistelwe lapha, cishe ukusa okuthathu osekwehle ngakho. Futhi manje wayesehle waba yikhulu nanhlanu, noma yinto enjengaleyo. Uthe, imizuzwana embalwa edlule, usebuyele ekhulwini namashumi amathathu-nambili. Wathi wazizwa sengathi ungumfana.

<sup>17</sup> Mfowethu Kidd, angazi noma ungasukuma yini, ukuze abantu bazi ukuthi uwubani lomshumayeli omdala. Nango. Asithi, "Ayibongwe iNkosi." [Ibandla lithi, "Ayibongwe iNkosi!"—Umhl.] Indoda ibulawa umdlavuza, kuleso—kulesosimo. Unesithandwa esincane esithandekayo lapho. Ngifisa sengathi ubengasukuma, naye. Nje ngi...Dadewethu Kidd, uthini ngokusukuma lapho? Manje, u... Niyabona ukuthi ushesha kanjani ukuphakama? Wedlula mina. UNkulunkulu ambusise uMfowethu noDadewethu Kidd. Kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu ezicebile zingaphumula phezu... Ngiyabonga, dadewethu.

<sup>18</sup> Bazabalaza bedabula izintaba zaseKentucky, phansi-phezulu ezindleleni zezinyawo endaweni yamalahlle, bexoshwa, bekhahlelwa bekhishwa, futhi kuhlekiswa ngabo, behlushwa, bephila nganoma yini abayitholayo. Begaya

ummbila abawuthola emzileni, ndawondawo, futhi bephilela uMbuso kaNkulunkulu. Futhi iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, beshumayela iVangeli, namanje. Manje, sebeguge kakhulu ukuthi bangaphuma, ngakho ngikhulekela izindwangu bese ngizithumela kubo, futhi lokhu bezithatha nje—nje beziyisa ezibhedlela nezinto ezinjengalokho. Abantu bayangena futhi bazithole. Manje, lokho kungene ngempela enhliziyweni. Akunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma ungeke wakwazi ukuphuma ubonane nabo, ungabathumelela indwangu yomkhuleko, kanjalo, abantu benokukholwa. Lokho kuhle kakhulu.

<sup>19</sup> UMfowethu Rogers uphakathi, naye, ndawondawo phakathi lapha namhlanje, umkhwe kaMfowethu Creech, umngane wami othandeka kakhulu. Ngiya endlini yakhe njengoba nje ngiya ezansi kwaCharlie nakwaNellie nabo ezansi lapho manje, nasezansi eKentucky. Futhi—futhi ngangivamise ukwehlela lapho futhi ngizingele, ngaso sonke isikhathi, naye. Futhi lapha, esikhathini esingeside esedlule, cishe ezinyangeni eziyishumi nantathu ezedlule, udokotela wamqhaqha. “Unomdlavuza, futhi,” wathi, “useшонile.”

<sup>20</sup> Ngacabanga, “Umngane wami omdala oligugu!” Umakade kwasa ebona, iMpi yoMhlaba yokuQala, indoda eyiqhawe ngempela, umndeni wayo. Ngambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, eminyakeni eminingi edlule, kukho ukuthethelelwa kwesono sakhe, ngazi-ke ukuthi wayefakwe eMzimbeni kaKristu, futhi wayeselungele ukuhamba ayobonana noNkulunkulu. Ngacabanga, “UMfowethu oyigugu usezohamba manje.” Kwakusemva kwalowombono nje, noma ngaphambi kwalowombono ukuba ufike kimi, ngeZulu. Ngase-ke ngehla ngiyombona, futhi ekamelweni kufika uthingo lwenkosikazi. UNkulunkulu waziguqula izinto. Lokho sekuyizinyanga eziyishumi nantathu ezedlula, futhi usekhona lapha nanamhlanje, edla.

<sup>21</sup> Waphuza oluny’uhlobo, ethatha olunye uhlobo lwamaphilisi esibabule, amshisa emphinjeni wakhe lapha. Futhi uzoba semgqeni womkhuleko, ngiyacabanga, kulokhu ukusa, enyuke. Futhi ngiyazi ukuthi ngimemezela lokho emva kokuba uBilly esevele esewanikezile, noma uzonikezela wazi ukuthi bebezonikezela ngamakhadi omkhuleko. Ngitshela indodana eshade nomntanakhe, umngane wami olungileyo, uMfowethu Creech, ukuba amkhuphule—mkhuphule. Ngacabanga, uma ngimgeja, kusho ukuthi ngizombamba-ke futhi ngimfake kwelinye lalamakamelo omkhuleko lapha. Kodwa wayenekhadi lomkhuleko. Ngathi, “Busty, ngifuna uphume lapho.” Igama lakhe nguEverett. Simbiza nje ngoBusty, silifishanisa. Futhi u—u... Ngamtshela, “Qhubeka uphume ungene emgqeni womkhuleko. Kungcono ngikukhulekele ugcobo lusekhona, ngenzele lokho.” Ngakho ngithanda ukuba ne... Ukuba bengazi

ukuthi bengikhulekelwa, ngifuna umuntu ogcotshiwe ngenkathi bengikhulekela.

<sup>22</sup> Manje asiphenye eBhayibhelini lethu, kulokhu ukusa, sivule eNcwadini kaRuthe. Ngizofunda omunye umBhalo kule, eNcwadini kaRuthe. Futhi manje ngaphambi nje kokuba sisondele kulendaba...Uma bengingaphumelela, bengingathanda ukumemezela indikimba yami yalokhu ukusa, ibizwa ngokuthi: *UMhlengi oyisiHlobo somndeni*. Futhi ngithanda ukusondela kuyo ngokubheka izimo ezine ezehlukene, ngokuhlengwa.

<sup>23</sup> Ngicabanga, ngeSonto eledlule, bengishumayela ngokuthi uKristu wafika kanjani ukuzosihlenga. Bese kuthi-ke, namhlanje, ngifuna ukukhuluma ngokuthi: Yini uMhlengi? Uba kanjani nguMhlengi na? Futhi, khumbulani, uMhlengi ukuhlenga ngokuphelele, uma Ekuhlenga; ezonweni zakho, ekuguleni kwakho, kukho konke okungalungile. UnguMhlengi.

<sup>24</sup> Manje, ngaphambi kokuba sisondele kuyo, ake sikhothamise amakhanda ethu futhi sikhulume kuYe, ngomkhuleko. Futhi manje amakhanda ethu ekhotheme, angazi ukuthi bangaki kulokhu ukusa, eBukhloneni, abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ngokuphakamisa izandla zenu futhi nithi, “Nkulunkulu, uyasazi isicelo sami”? UNkulunkulu anibusise, ngamunye.

<sup>25</sup> Baba wethu waseZulwini, ngijabula kakhulu, namhlanje, ukuthi kukhona Amandla amakhulu aPhakeme, ukwazi uNkulunkulu, ukuthi singasondele ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu, futhi sibe ne-nempendulo kulokho esikucelayo. Njengasemhlanganweni odlule, sasikhuluma ngokuthi amadoda ayezulazula kanjani embethe isikhumba semvu nezikhumba zezimbuzi, futhi eswela, efuna uMuzi omakhi nomenzi wawo kwakunguNkulunkulu. Azi ukuthi eke aze akwazi ukusondela kuYe, uma ayengake athole ukuthi Wayekuphi! Futhi uJobe, wasendulo, wathi, “Uma bengingake ngihambe, ngingqongqothe emnyango waKhe,” ngenye indlela. “Uma ngingake ngithole lapho E—Ehlala khona, bengizoya naYe eKhaya, futhi ngi—ngikhulume kuYe, ubuso nobuso. Kodwa kwakungekho—indlela yokuba umuntu akwenze lokho, ngoba wayonile, futhi wazehlukanisa futhi waba ngumfokazi kuNkulunkulu.

<sup>26</sup> Kodwa ngaLowo oyigugu Owafika futhi wavula indlela, futhi wathethelela izono zethu, futhi wasiletha phambi kukaNkulunkulu, hhayi njengabafokazi, kodwa njengabantwana beza kuYise. Sazi ukuthi uzosiphazisa zonke izicelo esizicelayo. Munye kuphela umthetho oshaywayo, lokho ngokuthi, “Uma ukholwa.” Leso yisivumelwano. USathane usho ukuthi ngeke sikholwe, noNkulunkulu uthi sizokholwa. Manje impi iyalwa, nesinqumo singesethu ukuba sisenze. Noma ngabe yiyiphi indlela isinqumo sethu esenziwa ngayo, yileyo ndlela

okuzoba yiyo. Futhi kulotshwe ngokumangalisayo kakhulu, “Konke kungenzeka kwabakholwayo.”

<sup>27</sup> Futhi siyakholwa, namhlanje, siza, sisondele kuWe ukuba sifumane umusa waPhezulu, sicela ukuthi Uzozinaka izicelo zethu. Nazo zonke izandla eziphakamile, Uyazi phansi kwalesosandla, enhliziyweni yabo, ukuthi bekuchaza ukuthini. Ngokuba kulotshiwe, ukuthi, “Wena wazi izizindlo nemicabango yengqondo, futhi uyakwazi ukwehlulela ingqondo.” Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzophendula ngokwezingcebo zaKho nomusa waKho, kuzo zonke izicelo ezibaliwe.

<sup>28</sup> Singacela futhi namhlanje, Nkosi, ukuthi Uzosiza mina, odinga kakhulu kunabo bonke, mhlampe, ezethamelini; ngazi ukuthi, okubekwe phambi kwami lapha, ngukuthenga kweGazi leNkosi uJesu. Kukhona, mhlampe, izoni ezihlezi lapha, esiboshwe ngqi yisono, ukuthi bekulukhuni kubo, kungenakwenzeka, cishe impela, kubo ukuba bafinyelele endaweni yokwemukela uKristu, inqobo nje uma uSathane esababophe ngqi emandleni akhe. Kodwa sazi ukuthi kulotshiwe, “NgeGama laMi bayakukhipha amademoni.”

<sup>29</sup> Futhi siphe amandla namhlanje, Nkosi, ngokushunyayelwa kweZwi, ukukhipha onke amademoni okungabaza nenkoloze nokwesaba, ezinhliziyweni zabantu nengqondo. Ukuthi labo ababoshwe yizingxaki nokungabaza bangaletswa ezingalweni zikaKristu. Kulotshiwe futhi, ukuthi, “Bayobeka izandla zabo phezu kwabagulayo futhi bayosinda. Kukhona labo lapha abangamaKristu, futhi baboshwe ngamademoni esifo.”

<sup>30</sup> Nkosi, ngiphe amandla namhlanje, kaMoya oNgewele, ukukhulula wonke umuntu ogulayo nohluphekile olapha endlini namhlanje, ukuze uMoya oNgewele omkhulu ube ngowokuqala ezinhliziyweni zonke nawo wonke umzimba oseBukhoneni baPhezulu.

Khuluma kithi ngeZwi laKho. IZwi laKho liyiQiniso. Singazi nje ukuthi sizothini, kodwa silinde ebuholini bukaMoya oNgewele, ukuze Asihole asiqondise kulolonke iQiniso. Siphe khona, Nkosi. Thola inkazimulo kuWe uqobo. Futhi gcoba inceku yaKho. NeZwi laKho selivele ligcotshiwe. SizoKunika udumo, njengoba Ulithatha uliyisa kuyo yonke inhliziyiyo, njengoba sinesidingo. EGameni likaJesu Kristu, siyakucela, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

<sup>31</sup> Ngaphambi kokufunda, ngingasho lesisiqubulo esincane engisithanda kahle kakhulu.

Uma unemifula ongeke wayiwela,  
Futhi uezintaba ongeke wedlula kuzo,  
Khumbula nje, uNkulunkulu eZulwini  
usebenza  
Ezintweni abanye abangeke bazenza.

32 Ngifunda eNcwadini kaRuthe, isahluko 1.

*Kwathi emihleni abahlulela ngayo abahluleli, kwabakhona indlala ezweni. Umuntu othile waseBetlehemajuda waya ukuyohlala ezweni lakwaMowabi, yena, nomkakhe, namadodana akhe amabili.*

*Ngama lalowomuntu lalinguElimeleki, . . . lomkakhe lalinguNawomi, amagama amadodana akhe . . . ayengoMahaloni noKiliyoni, babengamaEfratha aseBetlehemajuda. Bafika ezweni lakwaMowabi, bahlala khona.*

*UElimeleki, umyeni kaNawomi wafa; kepha yena wasala, namadodana akhe amabili.*

*Azithathela abafazi kwabesifazane bakwaMowabi: igama lomunye lalinguOrpa, igama lomunye lalinguRuthe: bahlala khona kwangathi iminyaka eyishumi.*

*OMahaloni noKiliyoni bafa bobabili; abesifazane washiywa-ke. . . owesifazane washiywa-ke ngabantwana bakhe ababili nangumyeni wakhe.*

*Wayesesuka nomalokazana bakhe, ukuba abuye ezweni lakwaMowabi: ngokuba wayezwile . . . wezwa ukuthi iNKOSI yayihambe abantu bayo ukuba ibaphe isinkwa.*

*Waphuma endaweni lapho wayekhona, umalokazana bakhe ababili benaye; bahamba ngendlela yokubuyela ezweni lakwaJuda.*

*UNawomi wathi kumalokazana bakhe ababili, Hambani nibuyele kube yilowo nalowo endlini kanina: iNKOSI mayinenzele umusa, njengalokho nanenza kwabafuleyo, nakimi.*

*Futhi iNKOSI mayininike ukuba nifumane ukuphumula, kube yilowo nalowo endlini yomyeni wakhe. Wayesebanga; base bedazuluka, bakhala.*

*Bathi kuye, Hayi kepha sobuyela nawe kubantu bakini.*

*Wayesethi uNawomi, Buyani, madodakazi ami: nohambelani nami na? ngisenamadodana ezibilini zami, ukuba ni . . . ukuba abe ngumyeni benu na?*

*Buyani, ndodakazi yami, nihambe; ngokuba sengimdala ukuba ngibe-nomyeni. Noma ngangithi, nginethemba, ngingaba-nendoda kulobubusuku, ngizale amadodana;*

*Beningawahlalela aze abe ngakhulileyo na? Beniyakuziwimbela . . . kwawabo . . . ningabi nandoda*



*na? hayi, madodakazi ami; kumunyu kimi ngenxa yenu ngokuba isandla seNKOSI siphumile kimi.*

*Badazuluka, baphinda bakhala: uOrpa wamanga umnazala; kepha uRuthe wanamathela kuye.*

*Wathi, Bheka, umnakwenu usebuyele kwabakubo nakunkulunkulu wakhe: buya nawe, umlandele. umnakwenu.*

*Kepha uRuthe wathi, Ungangincengi ukuba ngikushiye, noma ngibuye ngingakulandeli: ngokuba lapho uya khona, ngiyakuya khona nami; nalapho uhlala khona, ngiyakuhlala khona nami: abantu bakho bayakuba-ngabantu bami, uNkulunkulu wakho abenguNkulunkulu wami:*

*Lapho ufela khona, ngiyakufela khona nami, ngimbelwe khona: iNKOSI ayenze njalo kimi, yenezele futhi, ngokuba ngukufa kuphela okuyakusehlukanisa.*

<sup>33</sup> Ngifuna ukuyetha isihloko lenkulumo encane kulokhu ukusa, njengoba ngiyifundisa, ngizama ukuletha ukukholwa kini, kokuhlengwa, nokuthi kuyini, nokuthi kwemukelwa kanjani. Ngifuna ukuyetha isihloko esithi: *UMhlangi oyisiHlobo somndeni.*

<sup>34</sup> Manje, *ukuhlenga* noma yini, kunguku “yibuyisa.” Into ebilahlekile, njengokuthi ifakwe esitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso. Futhi uyehla bese uyakuhlenga lokho, kuhlengwa ngenani. Bese-ke iba yimpahla eqondene nawe ngqo, emva kokuba usuyihlengile. Kodwa umthetho wokuhlenga, kwaIsrayeli, kwakufanele kube yisihlobo somndeni, ukuhlenga impahla noma into ethize eyayikade ilahlekile.

<sup>35</sup> Indaba yethu iqala ngesikhathi sababusi bakwaIsrayeli, okwabe kungabehluleli, emva kokufa kukaJoshuwa. Futhi ukuthola isithombe esihle kabi salokhu, funda cishe izahluko zokuqala ezinhlanu noma eziyisithupha zikaSamuweli wokuQala, futhi uzo—uzothola indaba yangempela yaso.

<sup>36</sup> Kodwa sizogxuma siye phambili manje ukuba sithole ingqikithi enkulu yenkulumo kulokhu. Okungokuthi, esikhathini esithize esedlule, ngaqala ukufunda leNcwadi kaRuthe, futhi kwaba amaviki amathathu noma amane, ngedlula kukho. Ngaqala ngeNcwadi yeZambulo, kanye, futhi ngathatha wonk’unyaka, mayelana nayo, ukuba ngiYiqede. Yonke nje imiBhalo emincane impela ihambisana, yonke, eBhayibhelini lonke. Kuhle. Ngakho-ke, siyazi iBhayibheli liphefumulelwe. Ngokuba, ngokwezibalo nangayo yonke indlela, ayikho eny’incwadi efundwayo ebhaliwe engeke yaziphikisa yona ndawondawo.

<sup>37</sup> LeNcwadi yabhalwa cishe iminyaka eyizinkulungwane ezine ngokwehlukana, iziNcwadi zeBhayibheli. Futhi zabhalwa

ngabanye...ngiyakhohlwa nje ukuthi ngamadoda amangaki azibhalayo. Ngikhumbulile. Kodwa, ngiyaxolisa. Ngifuna ukuthi amashumi ayisithupha-nento, kodwa ngi—ngi—... Ngingahle ngibe nephutha lapho. [Umfowethu uthi, “Amashumi amane.”—Umhl.] Amashumi amane. Amadoda angamashumi amane abhala iBhayibheli, phakathi kwesikhathi esehlukene ngesikhathi sezinkulungwane zeminyaka, engagaze azane, noma abonane, noma afunde emva komunye, izikhathi eziningi. Futhi akukho nelilodwa izwi eliphikisana nelinye. Liphefumulelwe!

<sup>38</sup> Manje, abantu abaningi babuka leNcwadi kaRuthe, njengoba bethi, “Yindaba yothando yaseBhayibhelini.” IBhayibheli liyindaba yothando. Lonke iBhayibheli liyindaba yothando.

<sup>39</sup> Akusikho ukuthi Liyindaba yothando kuphela, kodwa Lingumprofethi. Akusikho ukuthi Lingumprofethi kuphela, kodwa futhi Lingumlando. Akusikho ukuthi Liyi—yindaba yothando kuphela, umlando, umprofethi, LinguNkulunkulu uqobo lwaKhe. Ngoba, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Ngakho, iZwi linguNkulunkulu ebhalwe waba yincwadi. Lokho bekufanele kukuxazulule, mfowethu. UNkulunkulu, ebhalwe waba yincwadi. UJehova, ebhalwe waba seNcwadini. Futhi akukho okwayo nje okungolunye uhlobo lwendaba eyinganekwane, kodwa yonke iyiQiniso ngokoqobo. Sonke isimo saYo, silengisa umphefumulo wakho. Ilapho. IyiQiniso, noNkulunkulu uzoleseka iZwi laKhe.

<sup>40</sup> Futhi lendaba yabhalwa, nazo zonke izincwadi ezindala ezingakabi yibhuku. Ngenkathi behlukanisa iBhayibheli, amadoda angcwele, ngenkathi ezama ukulihlanganisa eTestamenteni eLidala, leNcwadi kaRuthe yayingenye yeziNcwadi ezigqamileyo abazivumayo. Ngani? Uma nje kuyincwadi yothando, kungani ababhali nezazi zasendulo zivume leNcwadi njengephefumulelwe na? Ngoba, kukhona isambulo esifihlakele kuYo. Futhi kulesisambulo esifihlakele, ubamba incazelo yangempela. Izokusondeza eduze ngempela kuNkulunkulu.

<sup>41</sup> Ngiyakhuleka, wonke umphefumulo wami, kulokhu ukusa, ukuthi uNkulunkulu uzobamba zonke izinhliziyi, zishaqeke kakhulu, Aze Azembule, lokho Ayikho nje, kulendaba; lokho Ayikhona kini; ukuthi Wemukelwa kanjani. Futhi uma uke wakubona, kulula kabi, uyamangala ukuthi kwaze kwenzeka kanjani ukuba ukweqe ngaphezulu. Kodwa kungembulwa kuphela nguMoya oNgcwele.

<sup>42</sup> Manje, abaningi, bafunda iBhayibheli, bayaLifunda, bavele basukume nje bese befunda ikhasi, futhi bafunde ikhasi. Awusoze waLithola. Ngoba, Liyimpicabadala. NoJesu wambonga uNkulunkulu ngokuLenza kanjalo. Wathi,

“UKufihlile emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi uzoLembulela izingane zona eziyofunda.”

<sup>43</sup> Njengoba bengihlale ngisho. UNkk. Branham ehlezi emuva lapho, ngalokhu ukusa. Kodwa uma ngiphesheya kwezilwandle, uyongibhalela incwadi. Uyothi, “Bill othandekayo, ngihlezi lapha, kulobubusuku, nabantwana. Ngicabanga ngawe.” Futhi uyaqhubeka futhi abhale lokho azokubhala. Kodwa ngi—ngiyamthanda, futhi ngimazi kahle kakhulu ngiyakwazi ukuyifunda ivaliwe. Ngazi ngempela ukuthi uthini, niyabo, noma ukubhala lapha noma qha. Niyabo? Isizathu, ngiyazi ukuthi uthini. Kungani kunjalo na? Lokho ukuxhumana okusondele. Simunye. Niyabo? Futhi uyayazi imvelo yami. Ngiyayazi eyakhe. Aka. . .

<sup>44</sup> Angahlala nje angibuke. Ngingakutshela ukuthi uzothini, niyabo, ngoba ngi—ngimazi kahle kunjalo. Naye angenza kimi ngendlela efanayo. Manje, okwenza lokho, ngukwethembana. Uthando!

<sup>45</sup> Izolo ekuseni, besicambalele embhedeni sekuleyithi kancane, nabantwana bebengezukupya esikoleni, futhi besikhuluma ngezinto ezehlukene. Nokuthi kanjani. . . “Kwakuyini inzondo?”

<sup>46</sup> Ngathi, “Inzondo yayinokuqala, ngakho izoba nokuphela. Uthando lwalungenakuqala, ngakho alunakuphela. Inzondo i kuze kube-phakade. Uthando luPhakade. Inzondo iyaqala futhi inzondo izophela. Uthando aluzange luqale futhi Alusoze lwaphela. Niyabo? LwaluPhakade.

<sup>47</sup> Futhi uma owesilisa ethanda owesifazane bese emshada ngoba nje ubukeka kahle, kuyobakhona ukuphela kulokho. Kodwa uma owesilisa ethola owesifazane amthandayo, akazi ukuthi kungani, kodwa uyamthanda. Futhi uthola owesilisa amthandayo, akunandaba ukuthi ubukeka kanjani. Uyamthanda. Owesifazane uyamthanda. Leso yisithandwa saPhakade eNkazimulweni. Lokhu ukufa nalutho olunye oluyoke lubehlukanise, ngoba bavela ePhakadeni. Futhi baphuma, banga endaweni yesikhathi, futhi bazobuyela ePhakadeni. IPhakade lehlele phansi langena emzimbeni, othiwa yisikhathi, bese libuyela ngqo phezulu liyongena ePhakadeni futhi. Ngeke libhubhe.

<sup>48</sup> Owesifazane omuhle, lobobuhle buyofiphala, impela nje. Bunike iminyaka embalwa. Mhlawumbe, namhlanje, uyazibinya ehla ngomgwaqo, owesifazane othize ogqoke ohhafu, ethumela eminingi kakhulu imiphefumulo esihogweni kunawo onke amabhara otshwala asezwani. Kodwa uyozibinya yena uqobo ehla ngomgwaqo, ecabanga ukuthi uwutho. Njengoba iBhayibheli lasho, “Bayokwelula izintamo, befuna, becokama,” lokho kusho ukuthi, “behamba be *zibinya*, ngomuhla wokugcina.” Begcwalisa imiBhalo, futhi akakwazi.

Bama egcekeni, begqoke izingubo ezingahloniphekile, amadoda embuka, futhi engazi.” Angahle abe neziqiniseko zobumsulwa, kumyeni wakhe noma esokeni lakhe, ngakho konke; kodwa, ngoSuku lokwaHlulelwa, uyophendula ngokuphinga namadoda angamakhulu. Umoya okubo, futhi abakwazi. IBhayibheli lathi, “Bahamba-ze, baphuphuthekile, futhi abakwazi.” Ingxenye elusizi ngukuthi, “Abakwazi.”

<sup>49</sup> Kodwa benazi yini, ukuthi leyofiga encane ebumbekile, uNkulunkulu ayiphe leyontombazane, ingabe isibolile ngalesisikhathi ngeSonto elizayo na? Leyondoda ende, ensundu nenhle ingabe isingelutho kepha nje inqwaba yodoti, ngeSonto elizayo. Lokho konke kuyabhubha.

Kodwa lokho okungaphakathi, uNkulunkulu, uthando, uphila Phakade. Ngakho, bhekisisani ingaphakathi. Amehlo eno awahlale esemgomeni.

<sup>50</sup> Manje, lendaba iqala ngento ethi ayibe ngaleyondlela, njengothandekayo, owesifazane onomoya omuhle. Igama lakhe kwakunguNawomi. Ukuthi *Nawomi* kuchaza “othokozisayo.” U*Elimeleki* kwakungumyeni wakhe, kuchaza “ukukhonza.” “Ukukhonza okuthokozisayo” kwakungumndeni wakhe. Babenendodana, u*Mahaloni* oyedwa lowo ochaza “ukugula.” No*Kiliyoni*, omunye, owayechaza “ukukhandleka, okuyisigayegaye, ukudabuka.” Nanko umndeni lapho owawukhona.

<sup>51</sup> Futhi nakho kufika indlala ezweni lakwaIsrayeli. Nephutha lokuqala ukuba lizelenziwe yiJuda, ngukuthi, lishiye lelozwe. UNkulunkulu wabanika lelozwe. Ngenkathi uAbraham enikwa lelozwe, uNkulunkulu wamtshela ukuba angalishiye lelozwe. Futhi wenza iphutha ngenkathi ehlela eGerari, wangena enkathazweni. IJuda alifanele neze lishiye iPalastine. Leyo yindawo eyabelwe lona.

<sup>52</sup> Futhi kade exoshiwe, agcwala umhlaba wonke. Futhi manje asebuyela emuva futhi. O, yindaba emnandi kabi esinayo lapha, kulokhu ukusa. Abuyela emuva.

<sup>53</sup> UNawomi waxoshwa ngenxa yendlala, uNawomi noElimeleki, futhi bawelela kwaMowabi.

<sup>54</sup> Manje ukuthola imuva lendaba, kanjalo, nisalalele, nizokwazi ukuyibamba ngqi ukuthi iyini.

Manje, uMowabi, abakwaMowabi, badabuka kumntwana wesihlahla, okwabe kungamadodakazi kaLoti. Emva kokuba babephunyuke emililweni yaseSodoma, ngomusa kaNkulunkulu, kwase kuthi-ke amadodakazi adakisa uyise futhi ahlala naye, njengomfazi. Azala umntwana. Nomunye wabo wadabuka, wafaka i—isizwe sakwaMowabi, okufanele ngabe kwakungamaKristu, kodwa axubana nobuhedeni. Futhi, niyabo, eshiya izwe lesithembiso, akunandaba ukuthi

kwakukubi kangakanani, ukuyogogobala kwelinye izwe, kwaletsa inkathazo.

<sup>55</sup> Futhi noma ngasiphi isikhathi lapho ikholwa lisuka khona enkundleni yalo eliyinikwe nguNkulunkulu! Izikhathi eziningi, kwezombusazwe, lolukhetho oluzayo kanjalo njalo, indoda elungileyo ingaba yindoda elungileyo, futhi iyosuka kulezozinkundla izulazule. Njengomfundisi othize engimaziyo, wangenela ukuba abe yimeya yedolobha. Futhi ngenkathi ekwenza, wasuka enkundleni yakhe yobufundisi, noSathane wamfumana.

<sup>56</sup> Uma noma yimuphi umKristu esuka kulezozinkundla. “Awu, ngizokwehla nje, kulobubusuku, ngihlale nabafana endaweni yokubhejela, isikhashana. Ngeke ngenze kulimaza. Ngizothi nje ukuqhabula kanye kancane utshwala.” Ususukile ezinkundleni zakho. Buya. Uzibangela inkathazo nje kuphela.

<sup>57</sup> “O, onke amanye amantombazane ayabhema. Ngizozama owodwa.” Ususukile ezinkundleni zakho. Ungakwenzi lokho. Hlala emazweni endabuko. “O, awu, wonk’umuntu ngapha, bangibiza ngo, ‘Muntu oyisidala.’ Bangibiza nge, ‘Feshini endala.’” Hlala lapho, noma kunjalo. Leyo yindawo yakho. Hlala kuKristu.

<sup>58</sup> UNawomi, ngenxa yendlala, wazulazula waphuma emazweni futhi wangena kwaMowabi, ethola isinkwa. Wayengafanele akwenze lokho, ngoba bonke abanye bahlala eJudiya, eBetlehema. Ukuthi Betlehema kuchaza ukuthi, i*Bethel*, “indlu kaNkulunkulu,” indlu yezindumiso. Futhi bahlala lapho.

<sup>59</sup> Futhi wazulazula nomyeni wakhe. Namadodana akhe amabili aganwa amantombazane akwaMowabi. Kodwa uma uNkulunkulu emisele into ethize ukuba yenziwe, iyokwenzeka noma kanjani. Yingalesosizathu ngikholelwa ngempela ekumiselweni ngaphambili, ukwazi ngaphambili kukaNkulunkulu ngezinto.

<sup>60</sup> Manje-ke siyathola, ngapho, ukufa kwashaya umndeni, futhi baqala ukubuya. Bulala . . . Umfana wafa, bobabili abafana bafa, nobaba wafa. NoRuthe waqala ukubuya, uOrpa, noNawomi.

<sup>61</sup> Manje, ngifuna ukufanisa, kulokhu ukusa, uNawomi, inenekazi elidala, nebandla loMthetho, ibandla loMthetho lamaJuda. URuthe, owakwaMowabi, oweZizwe, eyiBandla lamaKristu, iBandla eLisha.

<sup>62</sup> Ngifuna ukusondela kukho, emikhakheni emine ehlukeni, uRuthe. Nginakho kubhalwe lapha. URuthe enquma, enza isinqumo sakhe; uRuthe, ekhonza ngokusebenza; uRuthe, ephumule; uRuthe, evuzwa. Njengoba sibuya: uRuthe, enza isinqumo; uRuthe, emva kokuba esenze isinqumo sakhe, bese-

ke uRuthe ukhonza ngokusebenza; bese-ke uRuthe uphumule; bese-ke uRuthe uyavuzwa.

<sup>63</sup> Manje, endleleni sebebuya, nakho kufika isikhathi, njengaye engumfanekiso weBandla, noma umKristu. Njengoba, umuntu ngamunye umele ibandla isizwe sonke samaKristu. Benikwazi lokho na? Wena, esimilweni sakho sokuziphatha, ngendlela owenza ngayo nalokho okwenzayo, umele uMzimba kaKristu wonke. Wena uthi, “Kodwa nje ngiyilunga-nje.” Lokho akunandaba. Uma uthatha lelogama lomKristu, umele uKristu neBandla laKhe. Ufanele uphile kanjalo. Ufanele uhlale njengomnumzane ohloniphekile, njengamanenekazi. Ungalokothi neze wenze izinto zezwe, ngoba onke amehlo aseZulwini nasemhlabeni kugqolozele wena, ukumela leyonto eyodwa. Akunandaba ukuthi ubuthakathaka kangakanani, umncane kangakanani, misa ikhanda lakho liqonde, ngoba ungumKristu.

<sup>64</sup> Manje, uRuthe wayengumhedeni, wakhonza isithixo, wayenjalo no-Orpa. Futhi babesindleleni yabo, bebuya noninazala. Ngoba, wezwa, ukuthi, ezansi eBetlehem-Judiya, ukuthi uNkulunkulu wase eyisusile inhlupheko, nabantu wayesenesinkwa. Wayekade esenhla lapho iminyaka ethi ayibe yishumi, ngakho uEersheim uthi, “iminyaka ethi ayibe yishumi,” usomlando.

<sup>65</sup> Futhi ebuya, edabukile (nomyeni wakhe esefile, abantwana bakhe sebefile), nomalokazana bakhe ababili. Wase ephenduka, kufanele, futhi wababuka, wayesethi, “Beniyohambelani nami na? Manje, akukho eningakwenza kuphela nizoba nenkathazo.” Wathi, “Ngiyadabuka ukuthi isandla sikaNkulunkulu seluleke samelana nami.”

<sup>66</sup> Zingaki izikhathi uIsrayeli ecabanga lokho, engazi ukuthi konke kwakuwuhlelo lukaNkulunkulu! Ukuthi lukanjani udonga olukhalayo lungaphandle nje kweJerusalema, lusekhona lapho! Amatshe amadala ethempeli, bawacosha benza udonga. Futhi ayahlikhlwa asulekile, ngezinyembezi nokukhala, ngezandla zamaJuda, ekhala futhi enxusa uJehova, “Jehova!” Awaqondi ukuthi ihora lawo selisondele eduze manje. Izindonga ezikhalayo, “Lamatshe ake akhela indlu emphongolweni wesivumelwano. INkosi uDavide wabuka lamatshe. O Jehova, Ukuphi na?” Niyabo? Engazi ukuthi masinya iNkosi yakhe izobuya, uMhlengi wakhe. Bafanele ukuthi baxoshwe, okwesikhashana.

<sup>67</sup> UNawomi wamangala, “Kungani isandla seNkosi sibe nonya kangaka kimi, bomalokazana bami na? UNkulunkulu ungixoshile. Ngiyisilahlwana. Angazi ukuthi yini engike ngayenza, kodwa ngiyisilahlwana.” Niyabo?

68 UNkulunkulu wayesebenza uhlelo lwaKhe. Ngoba, “Konke kusebenzelana kube ngokuhle kubo abathanda uNkulunkulu,” akunandaba ukuthi kuyini.

69 Wathi, “Buyela kunyoko, bese uthola ukuphumula endlini kanyoko. Abayeni benu usefile. Futhi nina nisebasha, abesifazane abahle. Buyelani emuva. Buyelani lapho enivela khona. Lapho nithole ukuphumula. UNkulunkulu abe nesihawu nawe ngoba waba nomusa kofileyo. Futhi niphile ngeziqiniseko zobumsulwa selokhu kwafa abayeni benu. Futhi nibe nomusa kimi, umfelokazi omdala ongenamyeni, futhi nanamathela kimi. Buyelani emuva, noNkulunkulu akaninike ukuphumula endlini yenu.” Bakhala.

70 Wathi, “Sengimdala. Ngeke ngisaba nabanye abantwana. Kodwa uma bengingaba nomyeni futhi ngibe nomntwana, bekuyosiza ngani na? Beningeke nilinde leyongane.” Lowo empeleni kwakungumthetho ngalezozinsuku. Ukuthi uma ufowenu efile, noma... futhi, owakhe, omunye umfowabo eyimpohlo, wafanele athathe umkakhe ukuba avusele umfowabo igama. “Kodwa, yena,” wathi, “ubungeke uyilinde, lezingane. Ngakho, buyelani emuva uzitholele ukuphumula ezindlini zabayeni benu. Buyela kunyoko.”

71 Futhi, uOrpa, uhlobo lwebandla elisivivi elake laqala, uhlobo lwebandla olungeke lwahamba indlela yonke. Wathi, “Lokho kuzwakala kahle kancane.” Ngakho, wamanga uninazala wase ebuyela emuva futhi. Lolo wuhlobo lwekholwa elisivivi, eliyokholwa ukuthi uJesu unguKristu, bese liyajika futhi libuyele entweni eliphuma kuyo. Kumuntu oyosekela indlela nabayingcosana abadeleliwe beNkosi, bese-ke ejika, abuyele emuva. “Njengenja ebuhlanzweni bayo, nengulube ekuzibhixeni kwayo,” njengoba kwasho iBhayibheli.

72 Manje, wabuyela konkulunkulu bakhe. Isikhathi esiningi sibuyela konkulunkulu base—basekuqaleni kwethu. Mhlawumbe amehlo ethu akhanukela izinto ezingalungile. Siyojikela ekukhanukeni futhi. Mhlawumbe sinezithixo zokuphuza, izithixo zokubhema, izithixo zokuqamba amanga, izithixo zokweba, zonke izinhlobo zezithixo; bese-ke sizisho thina futhi sibhaphathizwe, bese-ke siyajika futhi. Into edabukisa kanje pho! Khumbulani, akubange neze kusakhalunywa ngegama lakhe. Waxoshwa ebandleni ngenxa yesinqumo sakhe.

73 Ibandla elisivivi, ikholwa elisivivi, njengoba ikholwa ngalinye limele ibandla. Wonke umMelika umele iMelika. Wonke umJalimane umele iJalimane. Wonke umKristu umele uKristu.

74 Lapha wafulathela, ukuba abuyele entweni aphuma kuyo. Ukuthi kukanjani amadoda, ngisho nabashumayeli, ngesinye isikhathi, bayothatha indlela yeNkosi. Futhi uma ukhuluma

kubo ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele: “Umbhedo,” basuke kuWo. Lowo nguOrpa.

<sup>75</sup> Batshele ngeGama likaJesu Kristu, ukuthi, “Alikho elinye iGama phansi kweZulu elinikwe ebantwini eningasindiswa ngalo. Noma ngabe yini eniyenzayo ngezwi nangomsebenzi, kwenzeni konke eGameni likaJesu Kristu, uma lingekho elinye iGama phansi kweZulu eningasindiswa ngalo.” UPetru wayesethi-ke, ngosuku, uSuku lwePentekoste, “Uma nifuna ukusindiswa, phendukani nibhaphathizwe, iGama likaJesu Kristu, kukho ukuthethelelwa kwezono zenu.” Zithethelelwa kanjalo-ke. Futhi indoda, ngenxa yokuthandwa ngabantu, ayikwazi ukubambelela ngeBhayibheli kukho. Kodwa ngenxa yokuthandwa ngabantu, iyokwanga iBandla, yange uMlayezo, yange uKristu, “salani-kahle,” futhi ibuyele lapho eyagujwa yakhishwa khona. UOrpa, oyisivivi, owaxoshwa ebandleni.

<sup>76</sup> Kodwa, o, ngimthanda kanjani lowoRuthe omncane! Wadingeka enze isinqumo. Ngadingeka ngenze isinqumo. Udinga ukwenza isinqumo. Awusoze uphume kuleminyango, kulokhu ukusa, ngaphandle kohlobo oluthize lwesinqumo. Ngeke usuke kulelikamelo, namhlanje, kuphakathi kokuthi ube ngowesifazane noma owesilisa ongcono, noma owesilisa noma owesifazane omubi kakhulu. Ukulenqaba, uzoba mubi kakhulu. Kuzoba lukhuni kakhulu ngesikhathi esilandelayo, kuwe ukuba ufinyelele kulo. Noma, uzophuma usungcono.

<sup>77</sup> Kufika elamanqamu empilweni yakhe. Kufika elamanqamu empilweni yawo wonk’umuntu. NoRuthe kwadingeka enze isinqumo. Ngakho, iBhayibheli lasho ukuthi uninazala wamtshela, “Buyela konkulunkulu bakho njengoba kwenza udadewenu. Buyela emuva njengoba kwenza oyisivivi. Awuqhubeki ngani ubuyele emuva.”

<sup>78</sup> Umshumayeli weVangeli, “Uma ufuna ukuhamba, qhubeka.” Umshumayeli weqiniso wangempela ozokubeka phambi kweklasi labantu, “Wenza isinqumo sakho. Uma ngezinyawo zakho.” Oyisivivi, oyintengentege, ophuma-engena, ngeke akusho lokho. Kodwa inceku yangempela kaNkulunkulu iyokubeka emathangeni akho, “Yenza isinqumo sakho.”

<sup>79</sup> URuthe wathi, “Ngiyakuya lapho uya khona. Abantu bakho bayakuba ngabantu bami. UNkulunkulu wakho uyakuba nguNkulunkulu wami. Lapho ohlala khona, ngiyakuhlala khona. Lapho ufela khona, ngiyakufela khona nami. Nalapho umbelwa khona, ngiyakumbelwa khona nami.” Naso isinqumo sangempela.

<sup>80</sup> “Nkosi, ngizothatha Wena njengoMsindisi oqondene nami. Uma iBhayibheli lithi, ‘Phendukani nibhaphathizwe, iGama likaJesu Kristu,’ lokho ngiyokwenza. Uma iBhayibheli lathi ngi ‘fanele ngemukele uMoya oNgcwele,’ lokho ngiyokwenza.



Uma iBhayibheli lingitshela, ‘UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade,’ lokho ngiyokukholwa. Ngiyothatha iBhayibheli noNkulunkulu, ngalokho Akulobile nalokho Ayikhona, akunandaba ukuthi omuny’umuntu wathini.” Nango uRuthe wangempela.

<sup>81</sup> Wenza isinqumo sakhe. Kwakuphakathi kokuthi abuyele emuva noma aye phambili. Simi kulezozinkundla ezifanayo, kulokhu ukusa, buyela emuva noma uye phambili. Ungalokothi neze ubuyele emuva. Asiye phambili.

<sup>82</sup> Baqhubekela ezweni lesithembiso, bayongena ezweni labantu abayinqaba. URuthe, umfanekiso wekholwa manje. Ini? Yini ikholwa na? Uma owesifazane noma owesilisa ephuma, umuntu ovela ezweni, ungena phakathi kwamakholwa angamaKristu. Abesifazane ababebhema, bephuza, futhi bedlala amakhadi ezinhlanganweni zobudlelwane, kanjalo kanjalo, futhi benazo zonke izinhlobo zezinto ezihlotshiswe zahlotshiswa, nanjengohlobo oluthize lwe “nyoni esongene.” Kodwa manje useguqukile. Wenze isinqumo sokuhamba noNkulunkulu. Manje, ungena kubantu ongalukholwa lolohlobo lwento. Ungumfokazi. Uzofanele ahambe njengesihambi. Akawazi amasiko-mpilo abo. Onke axakile, kuye. Akazi ukuthi uzokwenzani. Yilokho uRuthe ayefanele akwenze. Yilokho ofanele ukwenze. Yilokho okufanele ngikwenze.

<sup>83</sup> Ngenkathi ngemukela uKristu, ngaxoshwa ekhaya lakithi uqobo. Ngenkathi ngemukela uKristu, abafana abangabangane bami, amantombazane angabangane, wonk’umuntu, bangiphosa phansi. Ngehla nesigejane sabantu abadala ababenoMoya oNgcwele futhi bekhola kuNkulunkulu, beMkhonza. Amantombazane, isezansi lapho kulelobandla, yayehlukile kunamantombazane engangikade ngihamba nawo. Ayebukeka ehlukile. Ayenza ngokwehlukile. Ayeyinqaba, futhi ngangiwesaba. Ayengabantu abehlukile.

<sup>84</sup> Yilokho uRuthe adingeka akwenze. Wadingeka aphume kwabakubo awelele kwabany’abantu. Waphenduka. Wenza isinqumo.

Nawe wenza isinqumo. Ufanele uzikhethele. Ufuna ukubuyela ezintweni zezwe, noma ufuna ukuqhubeka noNkulunkulu na?

<sup>85</sup> Ufuna ukuziphathisa okwezwe nabo bonke abanye na? Bese wanga uKristu uthi “sala-kahle” bese ubuyela emuva.

Kodwa uma ufuna ukuthatha indlela yakho nabayingcosana abadelelekile beNkosi, bambelela esandleni sikaNkulunkulu esingaguqukiyo. Kungakhathaleki ukuthi lonke izwe lithini, bambelela khona lapho. “UNkulunkulu washo njalo. Yiqiniso. NgiyaLikhola, nakuba ngingenakulenza libonakaliswe empilweni yami. UNkulunkulu washo njalo. NgiyaLikhola. Ngibambelela khona lapha.”

<sup>86</sup> Yileyondlela enza ngayo kuNawomi. “Angiyikukushiya. Ngiyakuya lapho uya khona. Abantu bakho bayakuba ngabami. Indlela abaziphatha ngayo, yileyondlela engiyakuziphatha ngayo. Indlela abenza ngayo, yilokho engiyakukwenza. Abakudlayo, yilokho engiyakukudla. Lapho ofela khona, ngiyakufela khona nami. Lapho ombelwa khona, ngiyakumbelwa khona nami. NeNkosi mayenezele kimi uma ngehluleka nomaphi.” Leso yisinqumo sangempela esingunqamla-juqu. UNkulunkulu ufuna izinqumo ezingunqamla-juqu eBandleni laKhe.

<sup>87</sup> “Awu, Nkosi, uma nje Uzongibusisa futhi ungenzele *lokhu*, ngizokwenza *ukuthi-nokuthi*.” Leso akusiso isinqumo.

<sup>88</sup> “Nkulunkulu, angikhathali ukuthi wenzani ngami, ngizohamba noma kanjani. Uma ngifa, kulungile. Ngiphila noma ngifa, noma ngabe yini! Uma bengihleka, behlekisa ngami, akwenzi-mehluko, ngiyohamba noma kanjani.” Leso yisinqumo esingunqamla-juqu, njengoRebeka wasenza ngisho ngaphambi kokuba abone ulsaka.

<sup>89</sup> Abazali bakhe bathi, “Intombazane mayiphendule. Intombazane, isikhulile, mayiphendule.”

<sup>90</sup> Wathi, “Ngizohamba.” Isinqumo esingunqamla-juqu, senziwa masinya. Wanamathela kuso. Yilokho uRuthe akwenzayo. UOrpa wabuyela emuva.

<sup>91</sup> Baqhubeka nohambo. URuthe, enhliziyweni yakhe, engazi lapho ayeya khona, kodwa umfanekiso weBandla. Siyagogobala, njengoAbrahama. Izihambi ezweni lezizwe, phakathi kwabantu bezizwe.

Futhi wasuka wahamba, futhi ekugcineni wangena ekamelweni nasendaweni uNawomi ayemletha kuyo. Futhi watholani na? Wonk’umuntu embambatha emhlane ethi, “Ruthe, siyajabula ukuba sibe nawe ezansi lapha na”? Wathola ukungezwani. Wathola into ethize embi. Wathola inkathazo.

<sup>92</sup> Nabashumayeli abayonitshela ukuthi, “I—impilo yomKristu ingumbhede onezimbali wentokomalo,” kuphakathi kokuthi uyakudukisa noma akakaze alwemukele lololwazi lwesipiliyoni qobo lwakhe. Izwe liyakuzonda. Nabantu bayokuzonda. Ufanele uthathe indlela yabayingcosana abadelelekile beNkosi, futhi uhlekwe, kuhlekiswe ngawe, kumbe noma yini enye. Ufanele wehlule. Uzalwa ngesinye iSizwe.

<sup>93</sup> Umkami . . . Njengoba ngi—ngizokucaphuna futhi; kubonakala kukuhle kakhulu ukukwenza. Wangibuza, “Kungani abesifazane abangamaKristu bengazigqoki lezozingubo njengoba kwenza abanye besifazane na?” Ngathi . . . Wathi, “Sonke singabaseMelika, asisibo na?”

<sup>94</sup> Ngathi, “Qhabo, mnumzane.”

<sup>95</sup> “Awu, kanti siyini?”

96 Ngathi, “Asisiwo amaJalimane, amaFulentshi, amaBeljiyamu, amaSwizi, owaseAfrika, noma amaMelika, noma namunye wabo.”

97 “Kodwa siyini pho?”

98 Ngathi, “SingamaKristu.” UmMelika uziphathisa okomMelika, iJalimane liziphathisa okweJalimane, ngoba lowo ngumoya wabo wobuzwe. Futhi thina sinoMoya wobuzwe. Lowo nguMoya oNgewele uvela kuNkulunkulu, uphuma eZulwini, futhi uziphathisa okwaLowo. Wenza uziphathe njengoba enza phezulu Lapho, ngoba ungowakwelinye iZwe.

99 Sihlala eMelika, yiqiniso lelo. Leyo yingxenyane yomzimba. Kodwa umphefumulo osilawulayo, isimilo sethu, sivela Phezulu. Siphila Phezulu ngoba sizalwa Phezulu. Onke amaKristu avela Phezulu. UJesu wathi, “Angisuye owaphansi. NgingowaPhezulu. Ukuba bengingowaphansi, izikhonzi zaMi beziyoNgilwela. Kodwa uMbuso waMi ungowaPhezulu.” Ngakho wonk’umuntu ozalwa nguMbuso kaNkulunkulu, ungowaPhezulu.

100 Manje, sibhekisisile manje. Njengoba siqhubeka, sibathola bengena ekudumaleni. Ngabe yilapho ongena khona, ngenkathi uthola uMoya oNgewele na? Impela wangena. Ngangena. Kuhlekiswa ngami, nakho konke.

101 Manje-ke, qaphela, impilo yayilukhuni kuye. Futhi kul’khuni emva kokuba usubengumKristu. Ngoba ufanele uzejwayeze enye inhlalo usuka kwenye impilo, yokutamasa nezinjabulo zezwe, uya kwenye impilo, yokuzahlukanisela uNkulunkulu. Ufanele uphinde uzejwayeze enye inhlalo, uwelele ngaku *lolu* uhlangathi.

102 NoRuthe wadingeka azejwayeze enye inhlalo evela ezweni lapho kwakunenala yokudla, nayo yonke into eyayihlonishwa, aye kubantu owayehleka, behlekisa ngaye, ayongena ezweni ayekhothoza kulo ensimini kulokho akudlayo. Akufake esikhaftinini sakhe futhi akuyise ekhaya. Futhi akubhule bese enza isinkwa, futhi yena nomamezala wakhe bakudle.

103 Ngenkathi elapho, bathola ukuthi, ngenkathi ekhothoza, noma ezokhothoza... Manje, wenza isinqumo sakhe. Lokho kwakungukunquma kwakhe.

104 Manje, into elandelayo azoyenza ngukusebenzela.

105 Futhi yilokho iBandla elizofanele likwenze. IBandla, emva kokwenza isinqumo sakho, ufanele usebenzele. Usebenzele uNkulunkulu ngokwesifanekiso saKhe esidwetshiwe, ngokwepulani yaKhe. Ufanele umsebenzele uNkulunkulu.

106 URuthe, enza isinqumo. Manje, uRuthe esebenzela phansi kwesinqumo sakhe. Manje bhekisisani umzuzu nje. Manje uyahamba uyongena ensimini, ukuyokhothoza.

107 Manje, unina wamtshela; okungukuthi, iTestamente eLidala litshela eLisha, niyazi. Unina wamtshela, wathi, “Sinesihlobo,

somndeni negama laso nguBowazi. Uyisicebi. Futhi Uyisihlobo somndeni esisondelene. Hamba uye ensimini yakhe. Futhi mhlampe. . . Ungayi kwenye insimu; yana ensimini yakhe.”

<sup>108</sup> Usitshela kanjani uMoya oNgcwele ukuba singasuki singene kolunye uhlobo lwe—lwencwadi yebandla, olunye uhlobo lwekhathekizima, kodwa siye eNsimini kaNkulunkulu, iTestamente eLidala, iBhayibheli. Ungasho ukuthi, “Awu, sizosho *lokhu*. Futhi sizosho *lokhu* kube ngokomkhuleko. Sizoba na *lokhu*.” Hlalani neNsimu ngqo. Ngenani kuYo ngqo, ngoba UyisiHlobo somndeni esisondelene.

<sup>109</sup> IZwi likaNkulunkulu, iTestamente eLidala, liyisiHlobo somndeni esisondelene neLisha. IBandla eLidala lingunina kwiBandla eLisha, niyabo, umKristu, ikholwa. “Ungayi kwenye insimu. Hlala ensimini yakhe ngqo. Futhi mhlawumbe, ngoluny’usuku, unganhle ufumane umusa kuye.”

<sup>110</sup> Futhi ngeliny’ilinga, esaphumile esensimini, lensizwa eyisicebi, egama linguBowazi, umbusi, indoda enothile, wafika, futhi wambona. O, ngenkathi embona, waqala ukumthanda. Wacabanga ukuthi wayengowesifazane oyisimangalis. Wathanda isimilo sakhe. Khumbulani, wathi, “Ngiyazi, manjenge abantu uyazi, ukuthi wena ungowesifazane omsulwa olungileyo.” Wenza isinqumo sakhe, esihlanzekile nesicacile. Wafika wabuyela ngale ngqo, waphila khona impela nje athi uyokwenza.

<sup>111</sup> Ngokunye, namhlanje, bathi, “Siyazi ukuthi ungumKristu. Siyazi ukuthi ungumuntu kaNkulunkulu, ngoba akakho ongenza lezizibonakaliso uma uNkulunkulu engenaye.”

<sup>112</sup> Yilokho uNikodemu akusho kuJesu, wathi, “Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi wena ovela kuNkulunkulu. Akakho ongenza izinto ozenzayo uma uNkulunkulu engenaye.” Lapho, wakwazi ukuMbona ehlezi lapho futhi ehlukana ngokubona okufihlakele kuyo impela imicabango yenhliziyo yabo.

<sup>113</sup> Owesifazane wathinta ingubo yaKhe. Uyajika, wathi, “Ubani oNgithintile na?” Bonke bakuphika. Babuka emuva laphaya ezethamelini wayesethi, “Wena, onomopho lapho, ukukholwa kwakho kukusindisile.”

<sup>114</sup> Wathi, “Akakho ongenza lokho uma uNkulunkulu engenaye. Siyazi Uvela kuNkulunkulu. Ngeke saKwemukela, ngoba sizokhahlelwa sikhishwe ebandleni.” Niyabo?

Lowomvini ofakelwe, Mfowethu West, njengoba besikhuluma izolo ebusuku, bayokukhahlela bakukhiphe. “Kodwa, phansi enhliziyweni yethu, siyazi ukuthi uvela eMvinini wasekuqaleni.” UKristu unguMvini; thina singamagatsha. “Siyazi, ngoba sibona ukuPhila okufanayo okukuNkulunkulu, kukuWe.”

115 Yilokho uBowazi ayekubone kuRuthe, lesosinqumo esingunqamla-juqu, lokho kulunga okumsulwa kowesifazane emi lapho. Futhi waqala ukumthanda.

116 Manje, ngifuna niqaphele. UNawomi, ibandla elidala, uqala ukuchazela uRuthe yonke imithetho ngenkolo yakhe, njengeTestamente eLidala liyisithunzi seLisha. Ngifuna niyithole lendaba kahle lapha.

117 Manje, ngifuna ukukhombisa izithunzi. ITestamente eLidala lichaza eLisha, uma nje uzoLifunda, ngokuba Likhomba ngesithunzi eLisha. Manje, uma bengiya ngakulolobonda, ngingakaze ngizibone mina uqobo, futhi ngabona isithunzi sami, bengiyokwazi, ngibe nawo umqondo othize wokuthi ngiyobukeka kanjani. Uma unga (wena) zi ukuthi iTestamente eLisha liyini, funda eLidala futhi uzobona isithunzi salo. Niyabo? Bese kuthi-ke uma kungena iTestamente eLisha, wena uthi, “Ngani, impela, yiLo leli.” INcwadi yamaHeberu, ukubuyela emuva, uPawulu uyakuchaza.

118 Manje, qaphelisisani manje. Ngenkathi uRuthe ethi, noma . . . uNawomi wathi kuRuthe, wathi, “Manje, uyisihlobo sethu somndeni. Futhi uma ungafumana umusa kuye, uzothola ukuphumula.” O, he! “Uma ungafumana umusa, uzothola ukuphumula.” UBowazi wayemele uKristu, isiCebi, indlalifa yezinto zonke, iNkosi yokuvuna. O, he! Kanjani, ngenkathi uBowazi efika egibele phandle lapho, ekuleyonqola, eqalaza macala onke emasimini, namehlo akhe awela kuRuthe! Wayengumnini. Wayeyinkosi yokuvuna. Futhi wathola umusa emehlweni akhe.

119 Yilokho iBandla elikwenzayo, namhlanje. Ngenkathi iNkosi yokuvuna ihambahamba, Ayibuki sona isakhiwo esikhulu, imibhoshongo emikhulu, amakwaya aqeqeshwe kahle. Ifuna abantu ngamunye, abesilisa nabesifazane abazinikele futhi benza unqamla-juqu ngoKristu, bazehlukanisela inkonzo yaKhe. “Nkulunkulu, ngiyaLikholwa, lonke iZwi laLo. Uma iZwi laKho lisho noma yini, ngihlala naLo ngqo. Lelo yiZwi laKho. NgiyaLikholwa, lonke iZwi.” Yilokho Ekufunayo; iNkosi yokuvuna. Yilokho Efuna ukukunikeza, uMoya oNgewele, kulabo abalambile nabomele. “Nibusisiwe nina enilambile nenomile, ngokuba niyakusuthiswa.” Uzama ukuthola leloBandla, namhlanje.

120 Manje, manje-ke, uRuthe wacelwa ukuba enze into eyayilhlazo, kodwa wavuma ngoba wayenze isinqumo sakhe. Umfanekiso onje pho wekholwa! Umfanekiso ophelele kanje pho!

121 UNawomi, ibandla elidala, wathi, “Yehla, kulobubusuku. Yinkathi yebhali.” O, umcabango omuhle kanje esingabambelela kuwo khona lapho!

<sup>122</sup> UNawomi noRuthe bangena ngenkathi yebhali nje. Inkathi yebhali yayiyinkathi yesinkwa, inkathi lapho isinkwa esifreshi sasidliwa khona. NeBandla, ngalomhla wokuphela, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili yezifundiso zobuhedeni nezinto, lingene ngenkathi yebhali, nobufreshi bokuPhila, iSinkwa esisha, uju oluvela eZulwini. (URussell, ukhuluma ngesinkwa soqweqwe loju!) Yiso Lesi, iSinkwa esivela eZulwini. “NgiyiSinkwa sokuPhila. Oyihlo badla imana, futhi bafile. Kodwa NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu, siphuma eZulwini. Uma umuntu edla lesiSinkwa akasoze afa.” NeBandla ngalolu izinsuku zokugcina lapha, liyangeniswa, njengamanje, ngenkathi yebhali.

<sup>123</sup> URuthe, oweZizwe, wakhishwa ebandleni, waxoshwa, usengenisiwe, njengokuba emukelwe njengoMlobokazi. UKristu uyangena, ngenkathi nje yebhali.

<sup>124</sup> Wathi, “Manje yembatha izingubo zakho.” (Hhayi ukuthi, “Ukhumule izingubo zakho.”) Kuphambene kanjani kokwanamhlanje! “Zibophe ngezingubo zakho, uma uyohlangabezana naye. Uzokwela ibhali, kulobubusuku. Yehla wembathe izingubo zakho. Uzemboze, ukuba uhlangabezane naye.”

<sup>125</sup> Namhlanje, bafuna ukuzembula. Zemboze. “Yehla, ngoba wela ibhali. Bese-ke uqaphela indayo alala kuyo.” Nakwena na? EGolgotha. Eminyakeni eminingi eyedlula, ngayiqaphela enhliziyweni yami lapho khona Abeka phansi ukuphila kwaKhe, ukuze Angithathe. Uqaphele indawo alala kuyo. Bhekisisa ukuthi Walalaphi. Yilokho okufanele kwenziwe yilolonke ikholwa. Uqaphele ukuthi Ukwenzeleni. UMLayezo wangeSonto eledlule, othi *UkuVakashela EKalvari*, uqaphele Akwenzela khona.

<sup>126</sup> Wathi, “Uqaphele lapho alala khona. Uma-ke esecambalala ukuba alale, ukuba aphumule, uhambe ulale ngasezinyaweni zakhe.” Hhayi ikhanda lakhe; izinyawo zakhe, ongafanele. “Futhi uthathe ublankethe” [UMfowethu Branham umbambatha iBhayibheli lakhe kathathu—Umhl.] “ayezemboze ngawo, ugubuzele ngawo.” O! Niyakubona na? [Ibandla lithi, “Amen.”] O, he! Ngiyazi ningacabanga ukuthi ngiyahlanya. Kodwa lokho nje kungifanela kahle nje, lowoMoya kaNkulunkulu. Qaphela lapho Alala khona eKalvari; lapho Alala khona ethuneni; eGetsemane. Qaphela, bese ugaqa wenyukele ezinyaweni zaKhe. Lala lapho ufe, qobo lwakho. Uku...[Akuqoshwanga eteyipini.] Nakho lapho okhona. Zembese, yonk’indawo, ngomphetho wengubo yaKhe. Wathi, “Umphetho wengubo,” wawubiza kanjalo.

<sup>127</sup> NoRuthe wathi, “Okushoyo, lokho ngiyokwenza.”

<sup>128</sup> O, isinqumo esingunqamla-juqu esinje pho sekholwa! “Okushiwo yiBhayibheli, lokho ngiyokwenza. Uthi,

‘Phendukani nibhaphathizwe, iGama likaJesu Kristu,’ ngiyokwenza. Uma Lithi, ‘Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli,’ ngiyokwenza. Uma Lisho, noma yini eLayishoyo, ‘UJesu Kristu nguyena izolo, phakade.’ ELithi angikwenze, ngiyokwenza.” Niyabo, iBandla lithatha iziyalo zaLo eZwini. Walala phansi.

<sup>129</sup> Manje, khumbulani, lelo kwakuyihlazo kulowomfelokazi osemncane, ukuba alale ngakulendoda, ezinyaweni zayo. Ihlazo, ezweni elingaphandle.

<sup>130</sup> O, ningakumela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Nakhu. Bukani. Bukani. Yikho lokhu. Ibandla, intombi, insizwa, omdala noma omncane, uyacelwa ukuba bazehlukanise nezwe, futhi bafike endaweni, uMbuso kaMoya oNgcwele, lokho yihlazo ezweni. Enhliziyweni yabo uqobo bayazi ukuthi konke kumayelana nani. Kodwa, ezweni, babawuhlanya. Babawumgunqiki ongcwele noma into ekulowomqondo, igama elithize elinehlazo. Kodwa iBandla licelwa ukuba likwenze. Niyavuma ukuqaphela indawo, futhi nilale na? [“Amen.”] Izwe alikubize nganoma yini abafuna ukukubiza ngayo.

<sup>131</sup> Iculo elidala, lalivamise ukuculwa.

Sengiqale ukuhamba noJesu yedwa zwi,  
niyabo,  
Nginomqamelo, njengoJakobe, oyitshe;  
Futhi ngizothatha indlela nabayingcosana  
abadelelekile beNkosi;  
Sengiqale ukungena noJesu. Ngiyedlula.

<sup>132</sup> Yilokho-ke. Akunandaba, ngizokhokha inani noma yini abanye abayenzayo. Uma kusho ukuthi yihlazo, uma kusho ukulahlekelwa yikhaya, ukulahlekelwa—lahlekelwa ngumndeni, bonke ohambisana nabo, abangane abangamantombazane, abangane abangabafana, noma ngabe kusho ukuthini, ngiyohamba ngedwa zwi. Ngiyothatha indlela. Uma umakhelwane wami ethi ngingu “mgingiqiki ongcwele, ipentecostal, noma uhlanya,” angikhathali ukuthi bathini. Akwenzi nomncanyana umehluko owodwa kimi. Sengiqale ukungena. Ngenze isinqumo sami sacaca, futhi ngiyedlula.

<sup>133</sup> Manje, kwaba nguye kuphela owayengamnika ukuphumula, kulawomasimu akhandlanayo okukhothoza. O, kwakumnandi kabi ngenkathi, uBowazi, ngenkathi emthola ephandle ensimini. Angikwazi ukukugeja lokhu. UBowazi wamthola ephandle ensimini. Wathi, “Bukani.” Wathi, “Ungubani wena na?”

Wathi, “Igama lami nguRuthe.”

“O, owakwaMowabi owafika ukuzogobala nathi.”

“Yebo.”

<sup>134</sup> “Ngizwile ngawe. Ungayi kwamany’amasimu.” A! Ngiyakuthanda lokho. “Ungaqali ukutelebhela kwezimishini.

Hlala khona lapha ensimini yami. Hlala nabami.” Wamthanda. “Hlala lapha. Hlala nami. Ungahambi wehla wenyuka izindawo ngezindawo. Hlala lapha.”

<sup>135</sup> Uma uwukholwa uMlayezo, bambelela kuWo. Niyabo? Ngabe kubiza nani-lini, hlala naWo. Hamba uqhubeke ngqo. “Kusho ukuthi, nikela nga *lokhu, lokho*, noma *okunye*. Futhi ngifanele ngiyeke ukuphuza kwami, ngifanele ngiyeke ukweba kwami, ukuqamba amanga. Ngizohlala naWo ngqo.” Niyabo?

<sup>136</sup> Futhi kwasho futhi, wathi, “Manje, abazukukukhathaza, ngoba ngiyalile abafana ukuba bangakuthuki.” Amen. Ngiyakuthanda lokho, isivikelo sakhe. Ubani owasho lokho na? Inkosi yokuvuna.

<sup>137</sup> Qaphela. “Ungabathinti abagcotshiweyo baMi. Ungamlimazi umprofethi waMi.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Ngokuba ngiqinisile, Ngithi kini, kungcono kuwe ukuba itshe lokusila ligaxwe entanyeni yakho, uphoswe olwandle, ngisho ukukhubekisa laba abancinyane balaba, Abancinyane baMi.” Kunjalo na? [“Amen.”] “Ungaletshi ngisho isikhubekiso kubo.”

“Ngibayalile ukuba bangakuthinti.” O, bhekisisa lelozwe! Lingumhluphi. Banalo ihora labo liyeza.

<sup>138</sup> Wase-ke eya kubafana, abanye. Wathi, “Manje, ukhothozela ukuphila. Manje, ngifuna nina bavuni...nina zingelosi,” ngamany’amazwi. Yilokho abayikho. Wathi, “Ngifuna nina zingelosi, nina bavuni, kanye ngankathi, ukuba nikhipe inkweshezana, ngamabomu.” O! “Ningakudedeli konke kumkhathaze kakhulu. Kodwa kanye ngankathi, nimdedele ezwe uMlayezo omnandi. Nidedele amandla amnandi kaMoya oNgcwele aMembese yonke indawo, kanye ngankathi, ukuMdedela azi ukuthi Ngisekhona lapho. Yenzani uhlobo oluthize lokuphilisa phakathi kwaKhe. Khombisani uhlobo oluthize lwesibonakaliso noma isimangaliso, ukuthi Uzokwazi ukuthi Ngiphakathi kwaKhe.” Yilokho-ke.

<sup>139</sup> Anithandi ukuthola lokho okuyizinkweshezana na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ngethemba ukuthi kukhona esikutholayo ngalokhu ukusa, anikutholi na? [“Amen.”] inkweshezana yebhali elifreshi. INkosi yenze into Eyayivamise ukuyenza. Into esaziyo ukuthi Iyayenza. IyiNkosi yokuVuna. YiYo kuphela engashiya inkweshezana. “Ngiyala iziNgelosi ukuba zehlele kulowomhlangano kulokhu ukusa. Ngifuna zenze okuthize, into ethize. NgiZiyalile, futhi Zizokwenza.” O, he.

<sup>140</sup> Manje, lapha, wadingeka athathe ingxenye eyihlazo, ukuba alale, abizwe nanganoma yini ayeyifuna. Wayengabizwa ngesifebe, niyazi. Wayengabizwa ngowesifazane onegama elibi, nokho wayengesuye. Futhi wayelandela yona impela imigomo ayebekelwe yona. Ngakho uyehla futhi uzembesa wonke,



ngesambatho ayekade esigqokile. Wayezoyaphi na? Ethuneni. Wayezoyaphi na? Lapho ayephumule khona.

141 Ngakuthola lapho-ke.

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami  
afela khona,  
Phansi lapho ekuhlanzweni esonweni  
ngakhala,  
Lapho enhliziyweni yami iGazi labhecwa.  
Kukhona uMthombo ogcwaliswe ngeGazi  
Elimuncwe emithanjeni kaImanuveli;  
Lapho izoni, zabhukuda ngaphansi  
kwethantala,  
Kusuka onke amabala azo ecala.

142 Qaphela indawo lapho Alala khona, bese ulala lapho naYe. Ukulungele ukuya eKalvari, kulokhu ukusa, njengoba ngishilo ngeSonto eledule na? Uyiqaphele indawo empilweni yakho na? Uzilethile qobo lwakho kuleyondawo lapho uJesu abethelwa khona na?

143 “O, siyakubonga lokho.” Kodwa uthini ngokubethelwa kwakho na? Ukulungele ukuthatha indlela negama eliyihlazo, njengokuba ngumginqiki ongcwele, uhlanya lwenkolo, kumbe noma ngabe yini, noma ngabe inani liyini?

144 Uyiqaphele indawo, ukuze uye lapho futhi ulale naYe, uthi, “Nkosi, ngilapha”? Manje-ke ini? Donsa isambatho esifanayo esasikuYe, uzembese ngaso.

145 Owesifazane wake wathi eNkosini yethu, “Nkosi, yisho ukuba amadodana ami amabili, ukuba eyodwa ihlale ngakwesokunene, nangakwesokhohlo, eMbusweni.”

146 Wathi, “Ningasiphuza yini isitsha eNgisiphuzayo na?” Lokho ngokuhlushwa okumuncu.

“Yebo.”

147 “Futhi ningabhaphathizwa ngombhaphathizo ofanayo eNgibhaphathizwa ngawo na?” Walala, umembesa ngesambatho esifanayo.

148 UEliza wakhushulwa. NoElija waphosa phansi isambatho esifanayo ayenaso, ukwembesa uElisha enokuphindwe kabili koMoya wakhe. Into efanayo, okuphindwe kabili nje. Amandla afanayo; hhayi angaphezulu. Hhayi angaphezulu, hhayi amakhulu kunamanye; nje okuphindwe kabili kwaWo.

149 NjengoMose, ngenkathi ekhathele, umkhwe wakhe wathi kuye, wathi, “Uyazikhandla. Khuleka kuNkulunkulu ukuba athathe uMoya wakho aWubeke phezu kwabanye.” Futhi wakhuleka.

150 Futhi Wathatha uMoya wase eWubeka phezu kwabangamashumi ayisikhombisa, abanye, nabangamashumi

ayisikhombisa baqala ukuprofetha. Babengenamandla amanye angaphezulu. Babenemishini esiminingi. Yilokho kuphela. Into efanayo, ukuthi nje babenemishini esiminingi.

<sup>151</sup> Kungaleyondlela-ke, namhlanje. Umuntu oyedwa ngeke akwenza. UNkulunkulu unemishini esiminingi yaKhe esebenza ndawo zonke, kodwa ngamandla afanayo; amandla afanayo, uMoya oNgcwele ofanayo, uJesu ofanayo.

<sup>152</sup> Manje, wathatha ublankethe, uMoya oNgcwele, ngenkathi efa kuye uqobo. Waqaphela indawo afela kuyo, lapho alala khona ukuba aphumule. Wase-ke elala, wase ethatha ublankethe owawuphezu kwakhe wase emembesa. Nendoda yavuka, yathi, "Ubani olapho na?" Yathi... Wathi, "NginguRuthe, owakwaMowabi, incekekazi yakho."

<sup>153</sup> Wayesevuka. Wathi, "Ngiyabona futhi ngiyazi ukuthi ungowesifazane omsulwa olungileyo." Amen. O! Lokho akukuthumeli yini ukuqhaqhazela okuncane emphefumulweni wenu na? [Ibandla lithi, "Amen. —Umhl.] "Ungowesifazane omsulwa olungileyo."

<sup>154</sup> Futhi waphendula wathini na? "Kodwa wena uyisihlobo somndeni esisondelene." Amen. "Uyisihlobo somndeni esisondelene. Ungangenzela. Ungangibeka ekuphumuleni. Ngize lapha ngalala lapha, kungesikho okowesifazane onesimilo esibi. Ngilale lapha, kungesikho ukubukisa; ukukhombisa abantu ukuthi ngingakhuluma ngezilimi, ngikhombise abantu ukuthi ngingasina eMoyeni, futhi ngikhombise abantu ukuthi ngingamemeza. Kodwa ngize lapha ngoba wena uyisihlobo esisondelene somndeni. Kungesikho ukukhombisa ukuthi ngingenza okuthize okukhulu; kodwa, uyisihlobo sami segazi. Ngize lapha ngoba uyisihlobo somndeni esisondelene, futhi nguwe kuphela ongangihlenga."

<sup>155</sup> Niyasibona isimo sokuziphatha ko—kophendukile kuKristu, eBandleni na? Niyabo? Niyabo? "Uyisihlobo sami somndeni esisondelene."

<sup>156</sup> Wayesethi, "Ungowesifazane omsulwa olungileyo. Futhi ngiyisihlobo sakho somndeni esisondelene. Manje, zembese yonke indawo. Lala kuze kuse." Wewu! "Zembese nje ngalowoblankethe. Ngiyisihlobo sakho segazi. Lala lapho kuze kuse, uphumule." Amen. Amen. "Ngiyisihlobo sakho somndeni esisondelene. Phumula!" Amen.

<sup>157</sup> Uma sekufika ukusa, le ngaphambi kokusa, wabutha esikhulukazi isithungu sebhali, elilinganiswa kasithupha, ngikholwa ukuthi lalinjalo, wase elifaka esholweni lakhe—lakhe elincane wayeseya ekhaya.

No—noNawomi wathi, "Ndodakazi yami."

158 Emva kokuvuka kwakho ealtare, futhi wabuyela emuva. “Manje kuzokwenzekani-ke, mama na? Kuzokwenzekani manje na?” Amen.

159 “Phumula.” Amen. “Phumula, Ruthe, ngoba indoda ayizukuba-nakuphumula ize ukuba seyenze inani eligcwele lokuhlenga.” Amen. Amen. Khona lapho yilapho engimi khona. Amen. Ayizukuphumula ize ukuba seyenze inani eligcwele lokuhlenga, ukukuhlenga, yonke into eyake yakulahlekela, yonke into owawuyiyo.

160 Manje khumbulani umthetho wokuhlenga, njengoba sesifinyelela ekuvaleni, ekupheleni kwenkonzo. Wonke umthetho wokuhlenga uyilokhu, ukuthi, ngaphambi kokuba umuntu akwazi ukuhlenga impahla elahlekile, wayefanele abe yisihlobo somndeni esisondelene ukwedlula zonke. Futhi into elandelayo, wayefanele abe ngumuntu oqotho, umuntu olungile, ukuba akwenze. Futhi-ke wayefanele abe ngonemali eyanele, ukuba akwenze. Futhi-ke wayefanele enze ubufakazi phambi komphakathi ukuthi wayesekwenzile. Futhi kusukela lapho kuqhubeka, kwase kuyimpahla yakhe.

161 Ngakho manje bukani. UBowazi wayemele uKristu. Manje, uRuthe wayemele iBandla, wena, ikholwa. Futhi manje, uNkulunkulu, eTestamenteni eLidala, okuyiyona-ndlela kuphela Ayengafika ngayo futhi ahlenge lokho okwakukade kulahlekile, uNkulunkulu wa ‘dingeka abe yisihlobo segazi kumuntu. Futhi okuyiyona-ndlela kuphela uNkulunkulu ayengaba ngayo yisihlobo segazi kumuntu, kwakungukuba abe ngomunye wabo. Amen.

162 Ngiyehluka kuBilly Graham, kubantu abathathu ngamunye ebuNkulunkulwini, kumbe noma yimuphi uthisha kamthathu-emunye, kulokho. Ngiyakholelwa kumthathu-emunye, kusobala, kodwa hhayi ngaleyondlela, bona bengabantu abathathu. BaMunye. Leyondaba lapho, yodwa qhwaba, yayingenalutho olunye kuphela yilokho, kwakuzokufakazela.

163 UNkulunkulu waba ngumuntu. Wadingeka ukuba abe yisihlobo segazi. Futhi Wayengeke aba nguNkulunkulu, nathi thina zoni, okudaliweyo kokudaliweyo kwaKhe, izidalwa ezinokudala zokudaliweyo kwaKhe, ngoba sasingeke sibe yizihlobo zegazi lapho. Ngakho, uNkulunkulu waba ngumuntu, ukuze umuntu abe nguNkulunkulu, abe nguNkulunkulu. Amen.

164 Thina, singabantu, izoni; uNkulunkulu waba yisoni, Wathwala izono zethu. Engazi-zono, nokho wayeyisoni ngoba izono zethu zabekwa phezu kwaKhe. Ukuze thina... Uba yimi, ukuze mina ngibe nguYe. Niyabo? Uba yisoni, ukuze mina ngibe yindodana kaNkulunkulu. Uba yisoni, ukuze wena ube yindodana kaNkulunkulu. Futhi manje singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu wenziwa isihlobo segazi ngenkathi Ethatha isimo senyama yethu,

wazalwa ngowesifazane. UNkulunkulu! Hhayi omuny'umuntu; uNkulunkulu, uqobo lwaKhe.

165 UThimothewu wokuQala 3:16 wathi:

*Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza: ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, . . . uNkulunkulu!*

*Ekugaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.*

*ULizwi waba-yinyama, . . .*

166 IZwi, lenziwa isidalwa esingumuntu, liba yisihlobo somndeni. Uba ngumuntu. O! Uba ngukufa, ukuze kuthi ngokufa kwaKhe ngibe ngukuPhila. Uba yisoni, ukuze kuthi ngokulunga kwaKhe ngibe . . . ngibe nokuPhila. Uba-mpofu, ukuze kuthi mina, ngobuphofu baKhe, ngenziwe ngicebe. Uba yilokho engangiyikho, ukuze kuthi mina ngibe, ngomusa waKhe, yilokho Ayeyikho. O, he! Manje-ke, ukhuluma ngamandla kaNkulunkulu! Manje, leyo ngempela ngumBhalo. Futhi yilokho okwashiwo ngumBhalo.

167 Ukuze sibe . . . Uthando olunje, uBaba uluchithe phezu kwethu, waluchitha phezu kwethu, ukuze thina esiyizoni, abafokazi, sikude noNkulunkulu, sikwazi ukusondezwa kuNkulunkulu, ngangokuthi size sibe amadodana namadodakazi kaNkulunkulu, hhayi izinceku. IBandla labeZizwe alisiyo neze inceku. Qhabo, mnumzane. IBandla labeZizwe liyindodana nendodakazi. Ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, emukele uMoya oNgcwele. Manje, uma niyisigejane sikaOrpa, futhi nibuyela emuva? Kodwa uma nihambe naqhubekele kuMoya oNgcwele, niba ngamadodana namadodakazi, manje, amadodana namadodakazi.

168 Ubani onamandla adlula onke phambi kukaNkulunkulu na? Yini iNgelosi na? INgelosi iyinceku. Kunjalo na? Ziyizinceku zaKhe. Uyini wena na? Indodana nendodakazi. Ubani onamandla adlula onke eZulwini, manje-ke, yisoni esisindiswe ngomusa, noma iNgelosi enkulu emi eduze kwesokunene saKhe na? Yisoni, esisindiswe ngomusa, sinegunya elikhulu eZulwini kuneNgelosi enkulu eyayimi eduze kwesokunene saKhe, ingenasono, ngoba siyindodana sona. Indodana inegunya elikhulu kunenceku, kusobala.

O, siyakhohlwa ukuthi thina siyini. Siyakhohlwa, izikhathi eziningi, ukuthi yini eyasenza saba yilokhu esiyikho. Emva kokuba sesiyilokhu esiyikho, manje-ke sesakhohlwa ukuthi safika kanjani lapha. "Ngenkathi uNkulunkulu uqobo lwaKhe . . ."

O, uthando oluyigugu kanje uBaba  
 Alupha isizwe sika-Adamu esiwileyo;  
 Wanikela ngeNdodana yaKhe eyodwa ukuba  
 ihlupheke  
 Futhi isihlengi ngomusa waKhe.

O, size sazi kanjani!

Amadwala adabuka phakathi nezibhakabhaka  
 ezibamnyama  
 UMsindisi wami wagobisa ikhanda laKhe  
 wafa;  
 Iveli elivulekile lembula indlela  
 Eya enjabulweni yaseZulwini nosuku  
 olungapheliyo.

Ngimi, kuKristu, iDwala eliqinile;  
 Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi  
 esibishayo.

Uma ngibuka isiphambano esimangalisayo  
 Lapho iNkosi yeNkazimulo yafela khona,  
 Ngithi sonke isono sami kuphela  
 sakhohlwakala.

169 Kunjalo. Omunye wathi:

Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;  
 Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;  
 Evuka, Walungisisa ngesihle phakade:  
 Ngoluny'usuku Uzofika. O usuku  
 oluyinkazimulo.

170 Bekuyindaba ephathwayo yeBandla. Bekuyindawo yaLo  
 yokubukela. Bekuyinhliziyi yaLo. Lomhlaba uhlamba ngeGazi  
 laloMhlengi oyisiHlobo somndeni, ukuhlenga isizwe sika-  
 Adamu esiwileyo.

171 Qaphelani, Nangu, uMhlengi oyisiHlobo somndeni.  
 Manje, into yokuqala, Wayedingeka ukuba abe ngumuntu  
 ofanele. Ubani owayefanele kakhulu kunoKristu, kunoJesu  
 na? Manje-ke, eny'into, Wayedingeka ukuba abe nemali.  
 Wayedingeka ukuba akwazi ukukwenza. Wayengumnini  
 wamaZulu. Wakufakazisa ukuthi Wakwenza. Wayekwazi  
 ukuthatha ofolu bezinkwa ezinhlanu nezinhlanzi ezimbili,  
 futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu, babutha imvuthuluka  
 iziqabetho ezinhlanu ezigcwele, kamuva. Wayekwazi  
 ukuphampa amanzi aphume emthonjeni futhi awaphendule abe  
 yiwayini. Wayekwazi ukukhipha inhlanzi olwandlekazi, futhi  
 akhiphe izinhlamvu zemali emlonyeni wayo, zegolide. Amen.  
 Wayengesiyi i. . .

172 Kodwa Uba-mpofu, engenandawo yokucamelisa ikhanda  
 laKhe. Uba yisiHlobo somndeni. Hhayi isiHlobo somndeni

kwabacebile; isiHlobo somndeni kubo bonke abantu. Wathatha indawo yomhlengi.

<sup>173</sup> Manje-ke wayedingeka ukuba enzeni na? Manje-ke wayedingeka ukuba enze ubufakazi emphakathini. Ngokusa okulandelayo, uRuthe wathi...Noma, uNawomi wathi, “Phumula, Ruthe. Yonk’into izolunga manje, ngoba ufumane umusa emehlweni akhe.”

<sup>174</sup> Nkulunkulu, mangelze lokho. Mangifumane umusa emehlweni aKhe. Manje-ke lapho sekusa:

Mhla icilongo leNkosi liyokhala, nesikhathi  
 asisayikubakho,  
 Nokusa kuse, Phakade, kukhanya kubalele;  
 Futhi mhla abasindisiwe emhlabeni  
 beyobuthana ngale ngaphesheya kogu,  
 Lapho amagama ebizwa phezulu ngaleya,  
 ng’yobakhona.

<sup>175</sup> Kuphunyulwe manje, kulindelwe ukuhlengwa okugcwele. Qaphelani, nginaKho, i—isibambiso saKho, manje. “Ngayisa ekhaya isikhafu esigcwele ibhali. Ngafika lapho.” Walinika yena, walilinganisa, izilinganiso eziyisithupha. Isithupha, sasichaza, “iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha yokuba khona kwezwe.” Usuku lomuntu yisithupha. Umuntu wadalwa ngosuku lwesithupha. Kuyobakhona iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha izwe eladalwa ngayo, enkulungwaneni yesikhombisa uNkulunkulu waphumula. Iminyaka eyizinkulungwane eziyisithupha iBandla liyosebenza limelene nesono, ngaMandla kaNkulunkulu alezizinkwa zebhali, bese-ke liyongena ekuPhumuleni kwaPhakade. Kunjalo. Phumula, linda. Izilinganiso eziyisithupha zebhali elicolekileyo alifaka lapho, ukuba limthwale kuze kube yisikhathi sokuhlengwa okugcwele. Ngijabula kakhulu ukukujabulela.

<sup>176</sup> Manje, masinya, asehlele ekupheleni kwayo. Manje siyathola, manje, ukuthi, ngokusa okulandelayo ngenkathi evuka, wayejabule, elindile. Nendoda yafika. Yehla. Yayinesinye isihlobo somndeni naso ngempela esasinegunya lokukhetha kuqala kowesifazane, kuqala. Ngabe nginaso isikhathi sokuthola lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, umzuzu nje, futhi sizothola ingxenye yayo, empeleni.

<sup>177</sup> Olandelayo emfanekisweni, owayenegunya lokukhetha kuqala kuwe, kwakunguDeveli, ngoba wawonile. Futhi kuqala wawungowakhe, ngoba, njengoba uyimpahla yakhe. “Ngokuba wazalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika ezweni ukhuluma amanga.” Futhi wayengenakukuhlenga khona. Niyabo? Wayengenakukuhlenga khona. Ngakho, uKristu uyafika futhi wenziwa umuntu, ukususa izono zethu, ukusihlenga. Niyakubona na? [Ibandla lithi,

“Amen.”—Umhl.] Futhi omuny’umuntu wayengenakukwenza. UDeveli wayengenakufela izonu, ngoba wayenguye impela umhlanekwezeli owenza isono. Niyabo? Wayengeke. Wayezokona ifa lakhe, omunye umfo. NoSathane wayezokona elakhe, ngoba ungudeveli. Wayengeke abe ngomunye udeveli, ukususa udeveli, udeveli wokuqala. Wayengeke abe yisono, ngoba wase evele eyisono. Kodwa, uKristu, engenasono, uba yisoni. Wakwazi ukusihlenga. Haleluya! Sihlengiwe. Si *hlengiwe* kusho ukuthi, “ukubuyiswa.” Sihlengiwe.

<sup>178</sup> Ngakho, ngokusa okulandelayo, manje-ke wayefanele enze ubufakazi phambi kwabantu bonke. Wehla wase ehlangana nalendoda esangweni, phambi kwamalunga. Futhi kwakufanele kube yindawo ephambi kwabantu bonke. Futhi wambuka ebusweni. Wathi, “Ungamhlenga na?” Manje; uma wayedingeka kuqala ukuba ahlenge uNawomi, ukuze athole uRuthe; noKristu wadingeka ahlenge ibandla lamaJuda, kuqala, ukuze athole uMlobokazi wabeZizwe. Ungena noNawomi, njengomfokazi ovela kwelinye izwe, owakwaMowabi, abahedeni. Yilokho esasiyikho, abeZizwe, umhedeni. Futhi khumbulani, wayefanele—wayefanele athole uNawomi. Futhi lapho ethola uNawomi, wathola konke ayenakho.

<sup>179</sup> Khumbulani, nxa kufika uKristu, akazange akhulume ngeBandla labeZizwe. Kwakungukuthi, aye kwabaKhe, “Weza kwabaKhe. AbaKhe abaMemukelanga.” Wayehlala njalo ekwabaKhe. “Ningahambi ngendlela yabeZizwe. Ningangeni eSamariya, kodwa yanini kakhulu ezimvini ezilahlekileyo zika Israyeli. Ekuhambeni kwenu, shumayelani iVangeli, philisani abagulayo, nivuse abafuleyo, nikhiphe amademoni. Namukela ngesihle, yiphani ngesihle.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Wabathuma, ngababili ngababili. Yanini kuqala. . . Futhi Wayefanele ahlenge lelobandla. Futhi lapho Ehlenga lelobandla, Wathola uMlobokazi wabeZizwe. Amen. Lowo kwakungumtithilizo kulo. Niyabo? Wathola uMlobokazi ngenkathi Ehlenga ibandla.

<sup>180</sup> Manje, uBowazi, wadingeka ukuba enze okwaphambi kwabantu bonke. . . Wathi, “Ungamhlenga na?”

Wathi, “Qhabo.”

<sup>181</sup> Manje-ke wayefanele enze ubufakazi phambi kwabantu bonke. Wakhumula isicathulo sakhe, wase esijikijela kuye. Wathi, “Nakho la ukhona. Makazi wonke uIsrayeli ukuthi ngimhlengile uNawomi, ngithatha noRuthe futhi.” Amen. “Ngiyamthatha uRuthe abe ngumlobokazi wami.” Wayengubani na? Inkosi yokuvuna. Amen. Nango. “Ngihlenga uNawomi, futhi ngithola uRuthe. Futhi uRuthe uzoba ngumlobokazi wami.”

<sup>182</sup> Bathini na? “Makabe njengo—njengoLeya noRaheli nabo, uvuse izinkulungwane,” futhi unazo, kunjalo, “kwaIsrayeli.

Makabe ngaleyondlela.” Futhi, bukani, wenza ukuhlola, ubufakazi phambi kwabantu bonke.

<sup>183</sup> Wenzani uJesu, ukuba akwenze na? Wenza ubufakazi phambi kwabantu bonke. Kanti, uSathane wayengeke afele izono ngoba wayeyisoni. Unguyise wesono. Kodwa, uJesu, Ongenacala, uNkulunkulu waseZulwini, Owayengadinge-kufa, wehla wase enza ubufakazi phambi kwabantu bonke ngokufa, waphakanyiswa phakathi kwamazulu nomhlaba. Ubufakazi phambi kwabantu bonke; baMhlubula izingubo zaKhe, base bemlengisa phakathi kwamazulu nomhlaba, ehlazweni. Futhi wafa, isoni, ukufa okuyihlazo, ukuba ahlenge thina. Ubufakazi phambi kwabantu bonke! Amen.

<sup>184</sup> Wenzani na? Wakhahlela wakhapha ukulunga kwaKhe uqobo; wakhahlela wakhapha inkazimulo yaKhe uqobo. Wakhahlela wakhapha...“Nginamandla. BeNgingakhuluma noBaba waMi, futhi masinyane UbeyoNgithumela olegiyona abangamashumi amabili beziNgelosi.” Babengayishintsha indlela. INgelosi eyodwa yayingakwenza. Wayengabiza olegiyona abangamashumi amabili. Lokho kwakungaba yiziNgelosi eziyizinkulungwane ezingamashumi amane. Zazizokwenzani na? Wathi, “BeNgiyokhuluma noBaba wami, masinyane, lokho kukhona manje, UbeyoNgithumela ulegiyona abangamashumi amabili. Olegiyona beziNgelosi bayoza lapha kube yibo abakuthathayo lokhu.” Eyodwa yayingenzani na? Eyodwa yayingabhubhisa umhlaba, ngomzuzwana. Bukani nje, Wayengaba nezinkulungwane ezazingeza. Niyabo? Kodwa Wakukhahlela wakususa lokho. Wakubeka eceleni lokho. Wabeka sonke isikhundla esiphakemeyo saKhe, yonke into, eceleni, futhi uba yisoni futhi wafela wena nami.

<sup>185</sup> Manje, sengivala, singasho lokhu, sengivala. Wakwenza—wakwenza lokho. Wase-ke ethatha uRuthe, futhi wamshada. Futhi wazala indodana ethiwa uObede. UObede wayenguyise kaJese. UJese wayenguyise kaDavide, owayenguyise kaKristu, amen, uyise weNkosi uJesu Kristu.

<sup>186</sup> Anikuboni na? Ngalokho kulunga, ngalesosinqumo esingunqamla-juqu. Uba nguMhlengi wethu oyisiHlobo somndeni. UNkulunkulu waba yisihlobo segazi kithi, ukuba ehle futhi enziwe abe njengathi, isidalwa esingumuntu, wahlushwa wukulamba, wahlushwa wukoma. “Ngomile. Ngiphuziseni.” Futhi bafaka uvinika emlonyeni waKhe, inyongo. Woma njengoba senza nathi. Wayazi ukuthi kwenziwa njani ngaphandle kwakho.

<sup>187</sup> Wayegula njengoba sinjalo nathi. Wathi, “Abayikusho yini kiMi umfanekiso omdala, ‘Nyanga, zelaphe?’” Kodwa amandla aKhe amakhulu ayengesiwo awaKhe uqobo. Wayenamandla okukwenza, kodwa Wayengeke awasebenzisele kuYe uqobo. Qhabo.



188 Omunye wathi kimi, ngoluny'usuku, wathi, "Mfowethu Branham, ngaphambi kokuba kwenzeka noma yini, wena wazi konke ngalokho okuzokwenzeka kuwe."

189 Ngathi, "Isiphiwo asiqondene nami. Ngeke ngasisebenzisela imina uqobo." Singesenu. Yinina enithola ukusizakala, hhayi mina. Ngiyisisebenzi somphakathi nje sikaNkulunkulu, kini.

190 Umshumayeli uyisisebenzi somphakathi. Uzibamba lapho nje. Njengomnduze wasendle, inyosi enkulu ezakhela yodwa indiza ingene, ithole ingxenye yayo. Inyosi yoku indize ithole eyayo. Odlulayo uthola eyakhe, nakho-konke. Uyakhandleka, imini nobusuku, ukuba ugcine ukuphuma kwemisebe yawo. Nomfundisi weVangeli wenza into efanayo; uhamba emgqeni kaNkulunkulu. Abambe ubufakazi bakhe bube ngobuqinisele, ukuze izwe lihlanganyele kokwakhe, niyabo, uMnu. Melusi Mnduze. Ungolungileyo. UJesu wathi, "Mqapheleni. USolomoni akafani naye." Kunjalo. UDr. Mnduze, ngiqagele nonke niyamazi. Niyabo?

191 "Qaphelani iminduze yasendle, ayikhandleki, kayiphothi, kanjani. Ngithi, kepha, nokho, uSolomoni, ebukhazikhazini bakhe bonke..." Umnduze uyazabalaza, imini nobusuku, ukuba uthole imisebe ukugcina izingubo zawo, ukugcina amakha nezinto kuqhubeka. Nabanye... Uvele uzivule wona uqobo nje, futhi bayafika futhi bawakhiphe kuwo. Inyosi nempukane, nakho-konke, kuyafika, okuhle noma okubi, kuvele nje kuthathe kuwo.

192 Yileyondlela-ke isisebenzi esiyiyo, sikaKristu, isisebenzi esingumKristu; sizivula sona, "Thathani kimi nje, lizwe." Akukho lutho olungolwaso. Kungokwabanye. Yilokho uKristu aba yikho, uma Eba yisihlobo segazi kithi. Uba ngumuntu, ukuze izwe lihlanganyele ekulungeni kwaKhe, niyabo, futhi benziwe amadodana kaNkulunkulu.

193 Manje, benzani na? Bashada, futhi kulokho kufika lento enkulu. Wase-ke uRuthe evuzwa, ngokuthola uKristu... noma ukuthola uBowazi abe ngumyeni wakhe. Okungukuthi, iBandla liyavuzwa, ngalokho mhla ukuFika kweNkosi kuyofika, ngalokhokusa okubalele nokungenamafu. Siphumule, silindile manje. Kuyofika. Manje, ngani na? Lihlengiwe.

194 Manje, esinye futhi isicaphuno ngingakasuki, ukuqala umugqa womkhuleko. Esinye futhi isicaphuno. Ngiphenye encwadini kulokhu ukusa, igama *hlenga*. Ngivele nje... Ngiyaxolisa, bazalwane bami baka-Arminius, kodwa ngifanele ngikufake nje lokhu; kungesikho ukulimaza, kodwa nje ukunenza nicabange. Bhekani ukuthi *ukuhlengwa* kuchaza ukuthini. Ukuhlengwa, eqinisweni lalisebenza, egameni lesiGrekhi, ekukhipheni isigqila emakethe. Angikwazi ukulipela igama lesiGrekhi njengamanje, kodwa lichaza ukuthi, "khipha isigqila emakethe," uku *hlenga*.

<sup>195</sup> Umuntu wenze okungalungile, ngakho, yena, umnikazi wakhe wayemthengisa ebugqilini, empeleni ekufeni. Futhi usemakethe. Uyisigqila. Kodwa kufika umuntu, umuntu ofaneleyo okwaziyo ukukwenza, futhi athole lomuntu, futhi afumane umusa emehlweni akhe. Uyamhlenga. Lokho kumkhapha emakethe, bese emkhapha aye kuye uqobo. Qaphelani. Nalesosigqila, uma sike sahlengwa, angeke sisaphinde sithengiswe emakethe futhi. Amen. Angeke sisaphinde sithengiswe futhi. Sesibekwe umaka. Futhi uma sasicatshangwa ngokwenele, kanye, ukuba sihlengwe, akekho ongakwenza, nhlobo, aphinde asithengise ukuba sibe yisigqila futhi.

<sup>196</sup> O, akabongwe uNkulunkulu, ukuthi uma umuntu eke weza kuKristu futhi wahlengwa yiGazi eliyigugu, uDeveli angeke aphinde akwenze isigqila futhi. Uphephile eGazini likaJesu Kristu kuze kube lusuku lokuhlangwa kwakho. Isigqila, kuphenyeni encwadini kuEksodusi, futhi nithole ukuthi leyo akusiyo yini imithetho yobuLevi. Ngiquonde uLevitikusi, nibone ukuthi leyo akusiyo yini imithetho. Isigqila. Uma sike sahlengwa angeke sisaphinde sithengiswe ukuba sibe yisigqila futhi. Kunjalo.

<sup>197</sup> O, ngijabula kakhulu! Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi uMhlengi wethu oyisiHlobo somndeni, ukuthi uNkulunkulu waseZulwini, OwayenguMoya, owehlela emhlabeni futhi wabayinyama; wenziwa njengoba nginjalo, wenziwa waba njengoba unjalo; futhi wembatha isimo senyama enesono, engazi-sono, ukuze izono zethu ziphumule phezu kwaKhe; futhi uba yisihlobo segazi kithi, wenza ubufakazi phambi kwabantu bonke bokufa, ekhokha inani eligcwele.

<sup>198</sup> NoMoya kaNkulunkulu uphendula ngokufakaza. Ithempeli ladabuka, ively, kusukela phezulu kuya phansi. Hhayi kusukela phansi kuya phezulu, kodwa kusukela phezulu kuya phansi; kwakukhombisa ukuthi kwakunguNkulunkulu, uqobo lwaKhe, walidabula lavuleka, kusukela ngaPhezulu. Ulidabula kusukela phezulu kuya phansi, futhi wavula indlela. Namablockwe omhlatshelo agumbuqelwa, nombani waba-mbaxambili ebumnyameni, izibhakabhaka ezithukuthele. Ilanga lashona phakathi-nemini. Izinkanyezi zenzqaba ukukhanya. Nayo yonk'into inikeza ubufakazi, "Sihlengiwe." Haleluya!

Asikhuleke [Umfowethu unikeza izwi lesiprofetho—Umhl.]

<sup>199</sup> Amakhanda enu ekhotheme manje, okwesikhashana nje. Lelo bekuyizwi lesiprofetho, libiza ibandla, emva koMlayezo.

<sup>200</sup> Manje uma bekhona abanye lapha ongaMaziyo, izimpilo zenu aziqondile, niyamenywa manje ukuba nime lapha phambi kwalezizethameli, ubuso bukaNkulunkulu, ukuba niMemukele njengoMsindisi wenu. Amanzi asechibini ombhaphathizo. Uma ekhona olindele inkonzo yombhaphathizo, masinyane.

<sup>201</sup> Sisakhothamise amakhanda ethu, sizothatha isikhashana manje ngokucula elithi *Ngiyedlula*. Amakhanda enu ekhotheme manje.

Ngiyedlula, yebo, ngiyedlula,  
Ngizokhokha intengo, noma yini abanye  
abayenzayo;  
Ngizothatha indlela nabayingcosana  
abadelelekile beNkosi;  
Ngiqale ukungena noJesu, futhi ngiyedlula.  
Ngiyedlula, yebo, ngiyedlula. Ngi . . .

Nikusho ngempela manje na? Uma nikusho, yenyukelani lapha futhi nime.

. . . noma yini abanye abayenzayo;  
Ngizothatha indlela . . .

Senikulungele ukunamathela, njengoNawomi wasendulo na?

Ngiqale ukungena noJesu, futhi ngiyedlula.  
Emkhombeni waseBetleheima kwavela  
isiHambi,  
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;  
Lonke uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni  
kuya  
eNkazimulweni,  
Ngicela kuphela ukufana naYe.  
Ukufana noJesu, . . .

Nifuna ukufana noMhlengi wenu na?

. . . fana noJesu,  
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;  
Lonke uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni  
kuya eNkazimulweni,  
Ngicela kuphela ukufana naYe.  
Khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,  
UkuKhanya endlini yokuKhanya akukhanyise  
kimi;  
Khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,  
Makuthi ukuKhanya endlini yokuKhanya  
kukhanyise kimi.  
Ukufana . . .

Ubengabakhona yini omuny'umuntu obungafuna ukufana naye, ngaphandle kwaKhe na? Akekho yini omunye futhi ozayo futhi aguqe lapha nalentombi, njengoba iguqa na? Ithatha njengoRuthe wasendulo, ithatha indlela yayo kulokhu ukusa.

. . . fana naYe;  
Lonke . . . emhlabeni kuya eNkazimulweni,  
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Nje ukufana noJe- . . .

Omunye futhi yenyuka manje. Hamba wehlele lapha futhi uguqe phansi, njengalelinenekazi lenzile lapha. Usuqalile na? Ungazibeka izandla zakho kwezaKhe na?

Ngilangazelela ukufana naYe;  
Lonke uhambo lwempilo ukusuka emhlabeni  
kuya eNkazimulweni,  
Ngicela kuphela ukufana naYe.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha elithi *UkuFana naYe*—Umhl.]

<sup>202</sup> Baba wethu waseZulwini, ibandla lisahamisha leliculo, “ukufana noJesu,” lona wesifazane, kulokhu ukusa, uphume gelekeqe, njengoRuthe. U Ina Bell, eza njengoRuthe wasendulo. Akunandaba ukuthi inani liyini, uze ukuzolikhokha. Akunandaba ukuthi i. . . ukuthi uzohlekwa kanjani, noma kuhlekiswe ngaye, uthatha indawo manje, emi lapha, evuma izono zakhe. Uguqe phansi, eqaphela indawo lapho iNkosi enkulu yokuvuna yalala khona esiphambanweni. Nalapho ukwemukela uMoya waYo, umusa waYo okhulume kuye njengoba iZwi liphumile, njengoNawomi wasendulo, eqondisa. Futhi Lishaye kofaneleyo, indawo efaneleyo. Futhi manje uza ukuzothatha indawo yekholwa, eguqe esiphambanweni, lapho la avuma khona izono zakhe, ubeka eceleni zonke ezindala zempilo, futhi uba yisidalwa esisha kuKristu Jesu.

<sup>203</sup> Siyakhuleka, Baba, kulokhu ukusa, ukuthi wonke umuntu obengumfokazi kulendlu, wonke owesilisa, owesifazane, umfana, noma intombazane, ongaKwaziyo, ungavumi lamaZwi edlule, Nkosi. Asazi nje ukuthi hora lini esizongena ngalo ekwaHlulelweni. Kungahle nokho kube namhlanje ukuthi abaningi bethu bangadingeka beze. Mhlawumbe ngaphambi kokuba sifike ekhaya, ingozi izokwenzeka. Kwangathi. . . Ukumelwa yinhliziyo kungahle kugadle kithi. Asazi. O Nkulunkulu, masilungele, lelihora, uMoya uselapha, sisenobufakazi bokuthi Ulapha, ngenkathi uNkulunkulu waseZulwini, kuso sonke isihawu saKhe esingenasiphelo, elapha ukusithatha asingenise.

<sup>204</sup> Siphe umusa waKho, Nkosi. Thumela abanye, kulokhu ukusa, ealtare, futhi bemukele uKristu njengoMsindisi, njengoba lona wesifazane enza manje. Siphe khona, Nkosi. Yiba nesihawu kuye, ngokwazi ukuthi abantu bakubo. . . Umfowabo uhlezi lapha emsamo kanye nami. Udadewabo, uWood, ehlezi ngemuva laphaya; umama nobaba behlezi lapha. Nkosi Nkulunkulu, ngikhulekela isihawu. Siphe khona, Nkosi. Uyazi ukuthi ngiqonde ukuthini enhliziyweni yami. Ngicela ukuthi okwaKho ukuchitha kuphume iGazi laKho, ngesihawu, kuzofika manje ngalelihora. Siphe khona, Nkosi.

Siphe, sisalinde abanye, kwangathi abanye bangeza, futhi, Baba, futhi babuyiselwe kuNkulunkulu ngoKristu.

<sup>205</sup> Manje, sisalindile manje futhi simangala, sizocula futhi.

Khanyisa kimi, O Nkosi, khanyisa kimi.  
Makuthi lokho kuKhanya endlini yokuKhanya  
kukhanyise kimi.

Kulungile. Yebo.

Khanyisa . . .

Angabakhona omunye owenyukayo na?

. . . khanyisa kimi,  
Makuthi ukuKhanya kwendlu yokuKhanya  
kukhanyise kimi;  
Khanyisa kimi, Nkosi, khanyisa kimi,  
Makuthi ukuKhanya kwaKho endlini  
yokuKhanya, kukhanyise . . .

Kuyongenza ini na?

Ukufana noJesu, ukufana noJesu,  
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;  
Lonke uhambo lwempilo ukusuka emhlabeni  
kuye eNkazimulweni,  
Ngicela kuphela ukufana naYe.

<sup>206</sup> Baba, Nkulunkulu, ngempela lobo ngubufakazi bethu. Nkosi, sifuna ukuba njengaYe, emnene ethobekile, ezithobile, enomoya omuhle, ebathethelela njalo labo abaMphatha kabi nabenza okubi. Si—sifuna ukuba sibe ngaleyondlela. SiyaKubonga ngalona wesifazane owenyukile kulokhu ukusa. Sazi kanjani ukuthi lempilo izoba yini, emva kwesikhashana na? Mhlawumbe kuwo onke amaphutha akhe nezinto empilweni, njengoba sonke siwenzile, sibwabona ebhukude ngaphansi kwethantala kulokhu ukusa. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lona wesifazane uzophila impilo ehlukaniselwe ezohola bonke ahambisana nabo kulolulwazi lwesipiliyoni. Kwangathi angeme lapha, kodwa aqhubeke ayongena ezweni lesithembiso, aqaphele indawo futhi alale, amukele uMoya oNgcwele lapho. Siphe khona, Nkosi.

<sup>207</sup> Bangaba khona abanye, futhi phakathi lapha, Baba, abebefanele beze, futhi abezanga, kwangathi uMoya waKho ungebashiye. Kwangathi bangebe nakho ukuphumula, emini noma ebusuku, baze beze, nabo, basenza lesisinqumo esifanayo. Kungesikho ukuba nendluzula, Nkosi, kodwa, O Nkulunkulu, bazi ukuthi baphuthwe yini. Ukwazi ukuthi kuyobanjani ngaloloSuku, ukuMuzwa ethi, “Sukani kiMi, nina benzi bokubi. Ngalokho kusa, eMgwaqeni uEighth noPenn, Ngakubiza, futhi awuzanga.” O Nkulunkulu ihora elesabeka kangaka eliyobanjalo kubo, uma silinganiswa esilinganisweni futhi safunyanwa silula. Baba, siphe lokho

ukuthi alizukufika nakoyedwa eBukhloneni bobuNkulunkulu. Kwangathi bangasindiswa bonke. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>208</sup> Sifuna ukubonga iNkosi, kulokhu ukusa, ngobubele baYo nomusa. Nginibonga nonke ngokubekezela kwenu, kokulinda kanye nami isikhathi eside kangaka.

Dadewethu Ina Bell. Ngi... Dadewethu Woods, lowo ngudadewenu, Mfowethu Charlie. Akade bekukhulekela, nalokho ekade sikukhulekela, isikhathi eside. Dadewethu Ina Bell, ungasukuma, umzuzwana nje? Lowo nguDadewethu Wood's... Umphatheli wethu lapha ebandleni, lowo ngus'wali wakhe, owemukele uJesu njengoMsindisi wakhe oqondene naye kulokhu ukusa. Nokuthi mingaki imikhuleko ebikhona... UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Ina Bell. Ngicabanga ukuthi ngilibiza ngokuyikho igama lakho. Kunjalo na? Kwangathi uNkulunkulu angakubusisa njalo, dadewethu othandekayo. Futhi uma ungakaze ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ngiyakuqinisekisa ukuba ukwenze, futhi wemukele uMoya oNgcwele.

<sup>209</sup> UNkulunkulu abe nawe njalo njalo, abusise umyeni wakho oligugu lapho. Ngihlangana naye, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Uma ngingaphosisi, igama lakhe uStanley. Kunjalo na? Stanley. UNkulunkulu akubusise, Stanley. Ikhaya limnandi, kodwa ngikholwa ukuthi lizobamnandi kakhulu manje kuna nininini. UNkulunkulu abe nani nonke njalonjalo, futhi—futhi aniphe umusa waKhe nesihawu, zonke izinsuku zokuphila kwenu. Futhi nilandelane njalo neNkosi. Nibe njengoRuthe manje, Ina Bell, bambelela kuLo ngqo. Hamba nje uqhubeke. Ngezinye izikhathi kuzoba l'khuni, nezindlela zizoba lufifi. Kodwa, khumbula, bheka phansi nje ngasemhlabathini, bese ubheka phezulu ngasesibhakabhakeni, uzofumana lapho kade kuhamba khona unyawo oluneGazi olulandela yonke indlela enyukela lapho. NguYe ozohola indlela.

<sup>210</sup> Manje, o, sekuvele kusemini, eleshumi nambili nqo. Nisathanda ukuba nibe nomugqa womkhuleko na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

<sup>211</sup> Billy, uphi, nhloboni... Ngabe ubanikile amakhadi omkhuleko na? A—angizange... Ngikholwa ukuthi ungitshela ukuthi nginikeze umkhuleko... Awu, bekuyini na? Omunye ungitshela ukuthi uhlamvu nezinombolo bekuthini. [Omunye uthi, "Nango efika."—Umhl.] Ini? [UMfowethu Billy Paul uthi, "B."] B. B, kwelokuqala kuya ekhulwini? Emashumini amahlanu kuya ekhulwini. Kulungile. B, inombolo yokuqala. Bano... .

<sup>212</sup> Manje, sinesixuku, ngakho asikwazi... Sizobamisa bonke, futhi nje sizobedlulisa bedlule ngqo, ngisabakhulekela.

<sup>213</sup> Manje, obani ongakaze ayibone imigqa yomkhuleko na? Asibone izandla zenu, ongakaze abe komunye wemihlangano yami, aye emgqeni womkhuleko. O, he! Inqwaba yenu.

<sup>214</sup> Awu, manje, singabakhulekela nje abantu abagulayo, singaba nakho ukwehlukana kokubona okufihlakeleyo, noma singabi namugqa womkhuleko nhlobo; sivele sibabize nje, ezethamelini. Akunandaba. UMoya oNgcwele ulapha. Yebo, mnumzane. Kodwa asime umugqa womkhuleko.

Inombolo yokuqala, ubani onenombolo yokuqala, ikhadi lomkhuleko B? Num-... Amashumi amahlanu. Ngiyaxolisa. Akekho oneyokuqala, kusobala. Kulungile. Ikhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu, ubani onalo na? Woza ngapha, mnumzane. Ikhadi lomkhuleko lesibili. . .

Amashumi amahlanu-nanye, amashumi amahlanu-nambili. Ikhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu-nambili. Kulungile. Amashumi amahlanu-nantathu. Amashumi amahlanu-nantathu. Kulungile. Amashumi amahlanu-nane.

Woza ngapha, khona *ngapha*. Uma ningemuva, wozani ngalendlela, *ngapha*.

Amashumi amahlanu-nanye, amashumi amahlanu-nambili, amashumi amahlanu-nantathu, amashumi amahlanu-nane. Ubani onamashumi amahlanu-nanhlanu, ikhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu-nanhlanu? Inenekazi, khona *ngapha*. Ikhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu-nesithupha.

Sukumani ngasohlangothini lobonda, *ngapha*, uma nithanda.

Amashumi amahlanu-nesikhombisa, amashumi amahlanu-nesishiyagalombili, amashumi amahlanu-nesishiyagalolunye, amashumi ayisithupha. Amashumi ayisithupha-nanye, amashumi ayisithupha-nambili, amashumi ayisithupha-nantathu, amashumi ayisithupha-nane, amashumi ayisithupha-nanhlanu.

Busty, jika wedlule ngqo lesosikhala sezihlalo khona lapho, mfowethu, khona *lapho*. Kulungile. Jika wedlule ngqo.

Bangaki ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna iNkosi ukuba ikuphilise na? Phakamisani isandla sakho. Kulungile. Yilokho kuphela ofanele ukwenze, kukholwe nje lokho manje. Kholwa nje. Kulungile.

Amashumi amahlanu-nesithupha. Ngibenalo na? Amashumi amahlanu-nesikhombisa, amashumi amahlanu-nesishiyagalombili, amashumi amahlanu-nesishiyagalolunye, amashumi ayisithupha. Basukumiseni.

Amashumi ayisithupha-nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nanhlanu. Basukumiseni. Amashumi ayisithupha-nesithupha, amashumi ayisithupha-nesikhombisa, amashumi ayisithupha-

nesishiyagalombili, amashumi ayisithupha-nesishiyagalolunye. amashumi ayisikhombisa. Basukumiseni.

Angifuni bonke baphuthume ngesikhathi esisodwa, isizathu sokuba ngibize inombolo, kuya emashumini ayisikhombisa.

Amashumi ayisikhombisa kuya emashumini ayisishiyagalombili, yimani. Wozani ngapha, ngaku *leli* icala, amashumi ayisikhombisa kuya emashumini ayisishiyagalombili. Kulungile. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye. Kulungile.

Amashumi ayisishiyagalombili kuya emashumini ayisishiyagalolunye, yimani *ngapha*. Doc, basize emuva lapho, uma uthanda. Amashumi ayisishiyagalombili kuya emashumini ayisishiyagalolunye, yimani ngaku *leli* icala.

Amashumi ayisishiyagalolunye kuya ekhulwini, yimani ngakulelicala, *ngapha*. Kulungile.

<sup>215</sup> Besalayina, ngithanda ukubuza ibandla okuthize. Bangaki abayizihambi olapha, ongakaze abe khona komunye wemihlangano yami ngaphambili na? Nibangaki na? Bangaki owaziyo ukuthi akekho umuntu ongaphilisa omunye, akekho ngisho nodokotela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Qhabo, mnumzane. Udokotela akasuye umphilisi. Kuphela welekelela imvelo. UNkulunkulu ngumphilisi. Niyabo? Udokotela angayiqondisa ingalo, kodwa angeke ayiphilise ingalo. Udokotela angalikapuluta ithumba elimila kupopopo, kodwa hhayi ukuphilisa indawo lapho asike khona. Udokotela angalikhapha izinyo, kodwa hhayi ukunqamula ukopha, noma akuphilise. NguNkulunkulu owenza lokho. Kulungile.

<sup>216</sup> Bangaki okwaziyo lokho, ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, ukuthi Akazange azisho ukuthi ungumphilisi na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] WayenguMuntu. Wathi, “AkusiMi owenza imisebenzi, kodwa nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi.” Kunjalo na? [“Amen.”] Bangaki owaziyo, ngenkathi Elapha, ini, kanjani. . . Hlobo luni lwenkonzo Ayenalo ngenkathi Elapha na? Wenza lokho uBaba aMkhombisa ukuba akwenze. Kunjalo na? [“Amen.”] Bangaki abaziyo, okwaziyo lokho na? [“Amen.”] UJohane oNgewele 5:19, Wathi, “Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza.” Kunjalo na? [“Amen.”] “Lokho iNdodana iyakwenza, kanjalo.”

<sup>217</sup> Manje, manje-ke, ngabe uJesu Kristu unguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Niyakukholwa lokho, ngenhliziyo yenu yonke na? [“Amen.”] Unguyena izolo naphakade. Niyakukholwa, lokho, uJesu Kristu unguyena izolo naphakade, ukuthi lokho kuchaza ukuthi Yena empeleni uyafana na? [“Amen.”] Kulungile.



218 Ufana kanjani na? Ofanayo kuyo yonke imigomo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UnguNkulunkulu ofanayo, uMphilisi ofanayo, u—uMsindisi ofanayo. Uyafana, isimo sokuziphatha esifanayo. Konke lokho kuyafana. Kunjalo na? [“Amen.”] Ofanayo. Kulungile. Manje-ke, uma Wayefana, futhi uyafana, Uyokwenza futhi asebenze ngokufanayo. Kunjalo na? [“Amen.”] Manje, bangaki okwaziyo lokho ukuthi kuyiQiniso na? [“Amen.”]

219 Ngizothatha nje umzuzwana lapha. Ngilindile. Akubukeki, kimi, kusengathi lokho ngabantu abangamashumi amahlanu abemi lapho. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, owesihlanu, owesithupha, owesikhombisa, owesishiyagalombili, owesishiyagalolunye, oweshumi, oweshumi nanye, oweshumi nambili, oweshumi nantathu, oweshumi nane. Qhabo. Abanye babo mhlawumbe baye ekhaya, ngaphambi kwesikhathi. Ngibone abanye abantu behamba emuva lapho. Kulungile, lona nje omncane, umugqa omfishane. Bangaki abazothanda ukuba nalokhu na? Bangaki abayizihambi kimi, kulowomugqa na? Phakamisa isandla sakho, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe. Phakamisa esami . . . isandla sakho.

220 Bangaki abaphandle lapho, izihambi, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe na? Phakamisa isandla sakho, ukuthi uyagula. Kulungile. Bangaki abangathanda ukubona umugqa wokwahlukanisa ngokubona okufihlakele, ukuze nje sikwazi ukusheshisa siqede na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Ningathanda . . . Manje, akunandaba. Ngingabakhulekela nje, ngibalethe bedlule emgqeni. Noma, bangahlala phansi, bahambe nje futhi bahlale phansi. Akunandaba. UMoya oNgcwele ungakwehlukanisa ngokubona okufihlakeleyo, ngokufanayo nje. Niyakukholwa lokho na? [“Amen.”]

221 Manje, manje-ke, uma lokho kunjalo, manje-ke thulani nje, umzuzu nje. Sekuthi ukuba leyithi kancane, ngakho hlalani nithule nje, umzuzwana nje. Ngifuna ukunibuza okuthize manje.

222 Ngingahle ngibe sembhobheni ongalungile lapha. Ikahle yomibili na? Yomibili ixhunyiwe, kulungile, lona futhi na? [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Kulungile.

223 Manje, thulani nje, okomzuzwana. Ngizobheka phansi kulomugqa, ngibone ukuthi ukhona yini engimaziyo.

224 Ngiyamazi lowayamfo omi khona lapho. Manje, ngiyamazi uEarl. Earl, ngiyakwazi, Earl Colvin. [Umfowethu Earl Colvin uthi, “Angikho emgqeni womkhuleko, nokho, Mfowethu Bill. Ngilethe umngane wethu ovela eJeffersontown.”—Umhl.] O, yebo, ya, indoda ephezulu lapha. Ngabe yileyondoda esasizingela nayo, phezulu lapho eColorado na? [“Mhlawumbe uyakhumbula, sesinciphile emzimbeni.”] O, he! Impela angisakhumbuli. Ngikholwa ukuthi uEarl wangitshela ukuthi

wawugula kakhulu, futhi usufikile. Manje, uma ungakwazi ukuma isikhathi eside, omunye akamthathele isitulo ngapho. Noma, abanye babo—abanye babo abasukume bamnike isihlalo khona lapho eduzane, kuzobakuhle, ngoba indoda igula kakhulu, kakhulu. He! Isinciphe cishe ngamaphawondi ayikhulu noma ngaphezulu, esisindo. Futhi—futhi i—igula kakhulu, kakhulu. Manje ihlaliseni lapho nje. Ngiyabonga, lapho, mfowethu.

<sup>225</sup> Manje ake ngibheke phansi. Manje, uEarl ubemi nayo nje. Manje, lendoda, emi emuva khona lapho, engibukayo, evela ngase La—LaGrange, eKentucky. Angilazi igama layo, kodwa ngi—ngiyakwazi wena. Futhi lowo nguMfowethu noDadewethi Kidd lapho. Ngiyabazi. Nalelinenekazi, khona. . .Ngabe lowo nguDadewethu Rook na? Noma. . .[UMfowethu Neville uthi, “UDadewethu Hardy.” Udade uthi, “Ngingu Dade Taylor . . .? . . . noHattie.”—Umhl.] Nalona wesifazane lapha, baseSellersburg, ngiyakholwa, oyimpumpu. Kunjalo na? Kulungile.

<sup>226</sup> Ngicabanga ukuthi cishe yilokho kuphela, emgqeni, engibaziyo empeleni. O, yebo, nangu umngane wami olungileyo, uBusty Rogers, lapha, wasezansi eMiltown. Nasezansi emgqeni, ngiqagele iningi labo liyizihambi kimi. Manje, lokho kuphambi kukaNkulunkulu, ngokwazi kwami, bayizihambi kimi.

<sup>227</sup> Manje ake ngibone ezethamelini. Manje, nina—nina eniyizihambi kimi, ogulayo, phakamisa isandla sakho, futhi, niyazi, wena onesicelo enhliziyweni yakho. Phakamisa isandla sakho, noma ngabe ukuphi. Owaziyo ukuthi ngi. . .Kulungile. Okeyi. Kujwayelekile nje, macala onke, cishe ndawo zonke.

<sup>228</sup> Manje, manje, ngeke kunilimaze, ukulinda nje umzuzwana noma ethe xaxa ngemibili. Ngifuna ukunibuza umbuzo onesizotha. Kungcono ngibe ngemuva lapha, ukuze ningizwe. Ngifuna ukunibuza okuthize nje. Manje, lemiLayezo engiyishumayelayo, niyayikholwa ukuthi iyiQiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi, impela, beningeke nize lapha ukuba bekungenjalo.

<sup>229</sup> Manje, uNkulunkulu ubengayenza into enjengaleyo ngaphandle kokunginika umqondo othile walokho ebengikwenza na? Impela Ubengeke. Impela, Ubengeke. Manje, uma Enze lokho. . .

<sup>230</sup> Manje, ngiyasho ukuthi uJesu Kristu akakaguquki. Ukufa kwaKhe akuMguqulanga; kwaMkhazimulisa. Futhi Wavuka, ngosuku lwesithathu, futhi Wenyukela phezulu. Futhi Wathumela uMoya oNgcwele wawubuyisa, owabe unguNkulunkulu, unguMoya oNgcwele owawuphezu kwaKhe. Niyakukholwa nonke lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] NoJesu, ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, “Imisebenzi eNgiyenzayo mina, nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona.” Leso yisimo sezwe, niyazi, ibandla

elingakholwa nje nabobonke. “Ngeke besaNgibona. Nokho, niyoNgibona nina.” “Nina,” lelo yiBandla, ikholwa. “Ngokuba Ngi. . .” “Ngi” yisabizwana sobuntu. “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” NesiGrecki lapho sithi *ukuphelelisa*, okuchaza ukuthi, “ukuphela kwezwe.” “Ngibe nani kuze kube sekupheleni kwezwe. Nemisebenzi eNgiyenzayo mina nani niyakuyenza.” Ngabe yiQiniso lelo na? [“Amen.”]

<sup>231</sup> Manje, sinamaBaptisti, amaMethodisti, amaProtestane, namaKatolika, ngisho ne—nelamaJuda, ehlezi phakathi lapha kulokhu ukusa. Futhi sinechurch of God, iNazaretha, aboHambo oluNgcwele, uFakazi kaJehova, onke lawomahlelo ehlukene emelwe. Ngiyaqalaza, ngiyawabuka. AmaMethodisti, iLuthela, amaPentecostal, zonke izinhlobo ezehlukene, lapho ngiqalaza, ngibona abantu engibaziyo. Futhi bonke bayizivakashi ezivela ngaphandle kwedolobha. ITabernakele likaBranham liyintwanyana encanyana, lapha e—edolobheni, kodwa lenza abavela ezweni.

<sup>232</sup> Manje, ake sithathe lokhu nje, futhi sicabangisise, sicabange, sifundisise, sithobe, futhi sibuze lombuzo. Manje-ke, uma Engafile, manje-ke isimo sokuziphatha kwaKhe ngakini nangakwabagulayo sizofana nje namhlanje njengoba besinjalo izolo. Manje-ke Usenze saba njani isimo sokuziphatha kwaKhe izolo na? Lokhu, “Ngingakwenza, uma nikhholwa.” Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] “Uma nikhholwa.”

<sup>233</sup> Indoda yathi, “Nkosi, sihawukele.” Yathi, “Indodana yami ikhwelwe kabi yidemoni. Ngiyilethe kubafundi bakho, futhi bebekhala kakhulu bempongoloza, nakho konke.”

<sup>234</sup> Wathi, “Ngingakwenza, uma ukholwa. Uma ukholwa, Ngingakwenza.”

<sup>235</sup> Manje qaphelani. Wenza kanjani uJesu na? Ube yini, izolo na? Wayekhonzisa kanjani na? Manje, lokhu kuya kwisihambi manje, ngikhuluma kuso. Ake sibone Ubeyini, izolo. Kungithatha imizuzu emithathu nje, sizocaphuna, izindawo ezincane ezithi azibe mbili.

<sup>236</sup> Ngenkathi inkonzo yaKhe kuqala iqala, kwakukhona umuntu oyedwa ogama linguAndreya, umdobi, waphenduka, wakholwa nguYe, wayesehamba wathola umfowabo, owayethiwa nguSimoni. Niyakukhumbula lokho na? Wamletha kuJesu. Wayengumdobi ongafundile, engakwazi ngisho ukusayina igama lakhe uqobo. Futhi ukhuphukela phambi kukaJesu. NoJesu wambheka, wayesethi, “Igama lakho unguSimoni. Uyindodana kaJona.”

<sup>237</sup> Bangaki owaziyo ukuthi lowo ngumBhalo na? Babazi ukuthi lowo kwakunguMesiya, ngoba U . . . UNkulunkulu wethembisa. UMose wethembisa, lokho, uma uMesiya efika, Uyoba ngumProfethi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UMesiya-mProfethi. Futhi Wabheka, Wayesethi, “Igama lakho

unguSimoni.” Wayesethi, “Uyihlo wayethiwa uJona.” Futhi wazi ukuthi lowo kwakunguMesiya.

<sup>238</sup> Owesifazane emthonjeni, leso ngesinye isizwe sabantu. Manje, ngamaJuda namaSamariya kuphela aMemukelayo. AbeZizwe, sasingakangeni thina, iqembu likaRuthe. Manje, owesifazane emthonjeni, owayengumSamariya, uyafika ukuzokha amanzi. UJesu wathi, “Ngiphuzise.” Wenzani na? Wakhuluma naye, njengoba nje bengingakhuluma nomunye lapho ezethamelini. Wathi, “Ngiphuzise.” Babengakaze babonane ngaphambili.

<sup>239</sup> Wayesethi, “Ngani, akusilo isiko, sinokwehlukana lapha.” Njengoba kwakuba njalo eNingizimu, kubangane bethu abangamakhaladi nezinto, kodwa abasenakho. Akabongwe uNkulunkulu, ngalokho. Ngakho Wathi...”Sinokwehlukana lapha. Ngani, akusilo isiko kuWe. Wena uyiJuda.” UJesu wayeyiJuda. Yena wayenguMsamariya. Wathi, “Akusilo isiko ukuba—ukuba Wena ucele kimi, engingowesifazane waseSamariya, okunjalo.”

<sup>240</sup> Wathi, “Kodwa, sifazane, ukuba bewazi ukuthi Ubani obekhuluma nawe, uboyecela kiMi amanzi.”

<sup>241</sup> Lokho kwamisa lowo wesifazane omuhle. Futhi wabheka phezulu wayesethi, “Ngani, Awunalutho lokukha. Umthombo ujulile.”

<sup>242</sup> Wathi, “Amanzi eNgikunika wona angukuPhila okuphakade.”

<sup>243</sup> Futhi ekugcineni Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Bangaki owaziyo, zihambi, owaziyo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Wayenamadoda amahlanu. Ngakho Wathini kuye na? Wathi, “Hamba, ulande indoda yakho uze lapha.”

<sup>244</sup> WaMbuka. Wathi, “Anginandoda.”

<sup>245</sup> Wathi, “Usho kahle, ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo kalokhu ayisiyo indoda yakho.”

<sup>246</sup> Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi, nxa uMesiya efika,” lowo nguJesu, “nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto, ngoba siyazi ukuthi Uyoba yilowomProfethi. Siyazi, nxa uMesiya efika, Uyokwenza lokhu. Kodwa ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguYe.”

<sup>247</sup> Futhi phezulu kwalokho, ugijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele engikwenzileyo. Kungebesuye uMesiya lona na?”

<sup>248</sup> Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya, izolo, futhi Unguye namuhla, Yinto efanayo namuhla. [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje, nina zihambi niyakukholwa lokho na? [“Amen.”]

Manje, lokho kungokwenu enisemgqeni, *lapha*.

249 Manje kulabo abangaphandle ngaleya, umBhalo owodwa nje, ukuze nibe nento enizoma kuyo. Bangaki okholwa ukuthi UngumPristi oMkhulu manje onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Sonke si... [Akuqoshwanga eyeyipini.]

250 Leyo yinkathazo yakhe. Ikubangele ukuba uphelelwe amandla. [Umfowethu uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Kunjalo. Ukuvuka ebusuku, kanjalo njalo. Ungowase Ohio. [“Kunjalo.”] Futhi usonta ebandleni likaMfowethu Sullivan, noma uye lapho. Ngibona uMfowethu Sullivan emi eduze. Ufika noKidds. Yilowo-ke oze naye. Kunjalo. [“Kunjalo.”] Kulungile. Ngalesisikhathi, uzizwa sewehlukile manje. [“Kunjalo.”] Sekusukile kuwe. Manje usungaya ekhaya. Ukukholwa kwakho kuyakusindisa manje. UNkulunkulu akubusise. [Akuqoshwanga eteyipini.]

251 Kodwa, mayelana nokukwazi, uNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi angazi lutho ngawe. Angazi ukuthi yini engalungile kuwe. Ngeke ngaba nayo indlela yokwazi ukuthi yini engalungile kuwe. Ungumuntu nje omi lapho. Futhi ubuphethe ikhadi lomkhuleko, linenombolo kulo. Uvele nje... Umfana ukunika lelokhadi, futhi ubizelwe phezulu lapha nje emgqeni womkhuleko.

252 Manje ake sibheke ukuthi kuhlaziyeka kanjani. Niyabo, lesosikhathi esisodwa nje, leso silukhuni kakhulu. Lokho kwenze okukhulu kimi, lesosikhathi esisodwa, kunaso sonke isikhathi ekade ngisishumayela kulokhu ukusa. Kukhona okuphumayo, niyabo, kukhona okuphumayo.

253 Mfo osemncane, empeleni awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngomunye umuntu, futhi lowo ngumntwana. Umntwana akekho lapha. Usezweni eliyithafa, eKansas. [Umfowethu uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.] Unohlobo oluthize lwamalumbo, njengesithuthwane. Kuyisithuthwane. Kukhona ubumnyama phezu komntwana.

254 Kukhona oxhumene nabo, noma u..kwaStrickers. [Umfowethu uthi, “Yebo.”—Umhl.] Nonke aniganiwe yizelamani, noma into efana naleyo na? [“Yebo.”] Kunjalo. Uyakholwa na? [“Yebo.”] Manje-ke ngeke esaba namalumbo, uma ukholwa ngenhliziyo yakho yonke. Njengoba ukholiwe, makube njalo kumntwana. [Akuqoshwanga eteyipini.]

255 Ukhulekela lowo anti onomdlavuza. Phansi phakathi lapho, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, emuva lapho na? Ukuthi u... Ya. Ya. Angikwazi. Angikaze ngikubone, empilweni yami. Kodwa ngenkathi ungizwa ngitshela leyondoda okuthize, ukuthi ibicabanga ngesihlobo, lokho kuza kuwe. Manje, uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

256 Manje wathintani na? Ngifuna abanye benu bantu ukuba ningitshele ukuthi lowo wesifazane wathintani. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

257 Manje, yilaba bobabili, noma bangaki lona na? Sesivele sibe nabo abathathu na? [Omunye uthi, “Ababili.”—Umhl.] Ababili na? Ababili. Kulungile. Kulungile.

258 Inenekazi lisibekelwe wukufa. Kukhona ithunzi elimnyama phezu kwalo. Okungukuthi, linomdlavuza. Yiqiniso lelo. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Udokotela ukutshela ukuthi ngumdlavuza wendlala yamanzi athile asemzimbeni. [“Yiqiniso lelo.”] Kunjalo. Phakamisa isandla sakho. [“Yiqiniso lelo, Nkosi. Yiqiniso lelo, Nkosi.”] Ungowakude kuna lapha, eIowa. [“Yebo.”] Uyakholwa na? [“Ngiyakholwa. Ngiyakholwa. Ngiyakholwa.”] Kuphakathi kokuthi unendodana... Yindodana engumzukululu. [“Kunjalo.”] Futhi, lokhu, unokuthile okungalungile emehlweni akhe. [“Kunjalo.”] Ukhulekela yena. [“Kunjalo.”] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? [“Ngiyakholwa.”] Nkk. McKee. [“Ngiyazi...?...”] Manje-ke buyela ekhaya lakho, futhi uphile. [“O Nkulunkulu!”] UJesu Kristu wenza... [Akuqoshwanga eteyipini.]

259 UkuKhanya lokho okubonayo kulesosithombe, kulenga phezu kwalowo wesifazane ohlezi le emuva *lapho*. Ngikhulwe ukuthi ngingumprofethi waKhe, dade. Ukhulekela umyeni wakho, usesigabeni sokufa, esiBhedlela eVeterans. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, manje, uzosinda.

Wathintani na? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

260 Manje, nje—nje yiba ulokhu ukholwa, laphaya. Niyabo? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

261 Ingozi yemoto. Uyehla, lokhu, uvela enhla enyakatho. UngaseBedford, eIndiana. [Udade uthi, “Kunjalo.”—Umhl.] Yiqiniso lelo. Ngabe yiqiniso lelo na? [“Kunjalo.”] Manje-ke uyakholwa ukuthi intamo yakho izolunga? Njengoba ukholwa, makube njalo kuwe. Buyela ekhaya, nika uNkulunkulu ipra-... [Akuqoshwanga eteyipini.]

262 O Nkulunkulu, lensizwa, ilwa ukulwa okuhle, kokuKholwa, imi eBukhoni bukaJehova-jire iNkosi ihlinzeke umhlatshelo. Kwangathi Amandla avusa uJesu ethuneni, angayithinta, ngalomzuzwana, iphe isifiso senhliziyo yayo. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

263 Nkosi Jesu, phezu kukadadewethu ngibeka isandla sami. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi lawomehla angasindiswa. Kwangathi ukuhlupheka kwakhe—kwakhe kungasuka emzimbeni wakhe. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

264 Baba wethu waseZulwini, nguDade Kidd wami omncane. Ngikhulekela ukuthi Amandla...?...lokho. Muphe ukuqina

ekugugeni kwakhe, njengoba wenza kuNawomi. Nkosi, kwangathi angasetshenziselwa inkazimulo yaKho. Siphe khona, Baba, ngeGama likaJesu Kristu.

<sup>265</sup> NakuMfowethu Kidd, Nkosi, ukuthi ukufa kwamshaya, kodwa ukuPhila kwambuyisa. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzomgcina eqinile. Usesedlule kude isikhathi Abelwa sona, kodwa Wena unguNkulunkulu. Futhi Yenza lokhu ngenxa yenkazimulo yaKho, njengoba Wangethembisa, esibhedlela. Muphe ukuqina ukuba afakaze. Kwangathi ubufakazi bakhe bungezwakala, kusosonke isifundazwe sase Ohio, ezweni lonke.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

. . . ukuthi uJesu uyangiphilisa manje.

NgizoMthatha eZwini laKhe.



*UMHLENGI OYISIHLLOBO SOMNDENI ZUL60-1002*  
(The Kinsman Redeemer)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeSonto ekuseni, ngo Oktoba 2, 1960, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgesi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2006 ngabe:

ZULU

©2006 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)



## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)